


UMIKHAYA UMPROFETHI

 ...?...ningahlala phansi. Ngi—ngiyanitshela, uma bengingake ngiphile ngifike entweni enjengaleyo, bengiyoba yindoda elungileyo. Ngifuna nje ukusho ukuthi nje uyangithanda kakhulu impela, kuyilokho-ke, nje ucabanga kakhulu ngami. Angisoze ngaphila ngibe nodumo olunjalo. Kodwa ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi ukhona ocabanga kakhulu kangako ngawe.

² Ngesinye isikhathi mina, ebandleni lami lasekhaya, ngangikade ngishumayela nje kanzima njengoba ngingenza futhi ngizama ukwenzela iNkosi okuthile, futhi—futhi ngaphuma, omunye wathi, “Ngiwuthakasele lowomlayezo kulobubusuku, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Ngiyabonga. Ngiyabonga, ngomusa.”

Omunye, inenekazi, wenyuka, wathi, “Awusho, lowo bekungumlayezo omangalisayo, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Ngiyabonga. Ngiyabonga.”

³ Nomunye umuntu washo into ethize. Futhi ngehla, kwakukhona umfundisi evakashile lapho, wathi, “Awu,” wathi, “Angithandi ukuba abantu baqhoshe ngami.”

⁴ Ngathi, “Awu, munye nje umehluko,” ngathi, “Ngiyathanda.” Futhi wathi...Ngase ngithi, “Ngiyathanda njalo uma omunye umuntu engitshela ukuthi ngenza okulungile noma okungalungile, ngiyathanda ukwazi lapho ngimi khona.”

Wathi, “Awu, bengingefune muntu angitshele ukuthi ngenze okuhle.”

Ngathi, “Ngiyafuna,” ngase ngithi, “Ngikholwa ukuthi munye nje umehluko phakathi kwami nawe.”

Wathi, “Yini leyo na?”

Ngathi, “Ngikhuluma iqiniso, wena awunjalo.”

⁵ Sonke—sonke siyathanda ukuba omunye asitshela uma si... Futhi ngicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu ocabanga kahle angakuthakasela okuhle, ukugxekwa okuhlazekile uma unephutha ngempela, omunye akutshela nje ukuthi u—unephutha futhi akukhombise lapho onephutha khona, ngiyakuthakasela. Ngifuna ukuba ngolungile, uma omunye umuntu engangenza ngibe ngolungile.

⁶ O, ziningi kakhulu izinto, futhi ngifuna ukuthi, lokho ngukuthi, ngiyabonga kakhulu ngokuncoma, mfowethu, nokunye nokunye. Futhi yonke into ikahle nje. Ngikuthanda ngendlela efanayo, Mfowethu Joseph. Futhi ngiyaqonda ukuthi uMfowethu Joseph ubesesizweni nesizwe, indawo nendawo,

ehlanganisa izikole ndawonye, futhi ethumela abefundisi, o, yonke nje impilo yasetshenzwa. Impela nginokuhlonipha okukhulu kunakho konke nenhlonipho ngoMfowethu Joseph Boze. Ungowami, qiniso, umfowethu.

⁷ Manje-ke, ngiyabonga ngokuthi, “Usuku oluhle lokuzalwa,” kumkami omncane othandekayo kulobubusuku. Ungene sekwedlule isikhathi kakhulu ukuba afike emhlanganweni, kodwa ngizothatha konke lokho kwamukelwa okufudumele futhi ngimtshela ngakho lapho ngifika ekhaya, laphaya. Kanjani... Uyokuthakasela lokho. Use... Futhi yileyo eyodwa, uMfowethu Joseph waqhosha kancane ngami, kodwa akazange aqhoshe ngokweqile ngakho ngaye, ngoba ngempela u—ufanele konke obekungashiwo. Uneminyaka engamashumi amane-nambili ubudala namhlanje. Useyinganyana nje, niyabo, ngashada nomntwana.

⁸ Futhi ngakho, u—uye wama ngakimi, nokho, njengowangempela, ushomi wangempela. Futhi uBilly, ngenkathi unina efa, futhi ngangithi angibe namashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha eminyaka ubudala, futhi wayengenanina, ekhala, futhi kungekhomuntu wokumyisa kuye, futhi wayeyintombazanyana nje, kanjalo, ngaleyonkathi, cishe ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, wamakekela.

⁹ Futhi kamuva eminyakeni, ngingasacabangi ngisho ngokuba ngike ngishade lowomntwana kunokuba bengingenza omunye umuntu engingamazi ohlezi laphaya, hhayi *kangako*. Uyise nami sasingophathini abazingelayo ndawonye, futhi sakhuliswa nje. Ngani, yena, benginga, mhlawumbe ubengaqophisana nami, futhi ngiyombhiza ngocezu lukaswidi, ngakho-ke yileyo ndlela okwakuyiyo, niyazi, ngenkathi sisi, sikhula nje, izinganyana. Ngakho sakhula nje ndawonye kanjalo, futhi angizange ngicabange ngokumshada.

¹⁰ Kodwa ngiyanitshela, ngempela kwakuyisipho esithunyelwe nguNkulunkulu kimi ngenkathi mina, ngenkathi uNkulunkulu engipha umkami. Futhi ngiyabonga kakhulu. Futhi lapho Ungiphe abantwana abathathu abathandekayo.

¹¹ Futhi uwelise uBilly Paul. Futhi ngokwejwayelekile umama, usingamama, ukuba angene, niyazi ukuthi kunjani ngalokho. Ngingakusho lokhu (Akekho lapha, kodwa kuyiqiniso, noma ubani uyazi, kungukuthi, omakhelwane bami balapha.), ukuthi uyamthanda lowomfana futhi nje ubenjalo, ubengcono kuye kunomama wakhe—wakhe. Ngibone umama wakhe emtshwansula ngenkathi engenazinyanga eziyisithupha ubudala, kodwa uMeda akakaze amthinte nhlobo, nje, ubefanele enze okuthe xaxa mhlawumbe, noma, mhlawumbe ubeyohluka. Ukushiyele konke kimi.

¹² Kodwa, ngi...Abanye abantu bathi abakholelwa ekubathwansuleni, kodwa uyazi ukuthi imiBhalo uthi uzokwenza, uma uyeka induku wonakalisa indodana, ngakho ngi—ngi—ngiyakholelwa ekuqondiseni abantwana, ngibenze babe nomqondo. Sibe nokuningi kwalokho, besingeke sibe nobuhlongandlebe bentsha obuningi kakhulu.

¹³ Manje, kulobubusuku ngubusuku bangoLwesithathu, futhi si, nje uhlobo lobusuku obuncane ngenkathi bengingalindele abantu abaningi kakhulu ukuba bangene, ngenxa yamabandla. Futhi kulobubusuku ngubusuku bomhlangano womkhuleko emabandleni, futhi mina, ngibonga kakhulu nge—ngezethameli. Futhi kuyinto enhle ukuthi bonke abafiki ngobusuku ofufanayo, ngoba besingeke senze lutho ngabo. Ngishilo esikhashaneni esedlule, “Bangaki olapha, basho, owabekade engekho emihlanganweni ngaphambilini na?” Futhi ngaphezu kwengxenye yezethameli. Izolo ebusuku bekukhona okubili kokuthathu kwabo bebengakaze babe semhlanganweni ngaphambilini, futhi kuyaqhubeka.

¹⁴ Manje, ziningi kakhulu izinto ebesingazisho. Ngiyakholwa izolo ebusuku, uma ngingaphosisi, emlayezweni wami izolo ebusuku ngikhuluma ngo—ngo, khohlwa ukuthi iyiphi indikimba engishumayele ngayo izolo ebusuku, *enye into-enye* ebengingenisa ngayo, o, *ImiBusiso EKhohlwakele*. Ngikholwa ukuthi lowo nguMathewu oNgwele, isahluko 11 ne—nevesi 6, noma into ethile efana naleyo, 11:6, ya, *ImiBusiso EKhohlwakele*, “Futhi ubusisiwe ongakhubeki ngaMi.”

¹⁵ Bengishumayela ngokuthi abantu bakhubeka kanjani kuJesu. NoJohane wayesephenduke, akakuvezanga ngaleyondlela, kodwa wathi ukukhubeka ngenxa yokuthi izinto azihambanga nje ngendlela ayecabanga ukuthi bekufanele kwenzeke ngayo, ngoba wayethule uJesu ene, noma, uKristu, uMesiya, ephethe imbenge esandleni saKhe, futhi ehlanza iphansi, futhi ashise amakhoba, futhi ngenkathi Efika, Wayemnene ngempela futhi ethobile, futhi emnene. Futhi ngakho bona...kwakunzima ukuba aqonde ukuthi i, ukuthi lokho kwakuyini. Kubukeka sengathi wayenokwehliswa, futhi waye, uhlobo oluncanyanyana lwesikhubekiso.

¹⁶ Nokho wayesibonile isibonakaliso sikaMesiya futhi wazi ukuthi kwakunguYe, ngakho wathumela abafundi ukuthola ukuthi ngabe kwakunguYe yini Lowo. Manje, lokho kwakukubi kakhulu ukusho into enjengaleyo, kodwa uJohane wagcotshwa ngomoya ka-Eliya, no-Eliya wacishe waba nokugula kwemizwa, futhi, niyazi, ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Futhi lapha kwakunguJohane, inqobo nje uma umi lapho ukukhipha, kulungile, kodwa lapho ufanele ukungenise, khona-ke kwehluka kancane, niyabo, ngakho, uJohane ejele, iso lakhe lokhozi lase lifiphele.

¹⁷ Futhi ngakho-ke sibonile ukuthi uJesu akazange amnike noma yiziphi izifundo, noma amtshela ukuthi kanjani uku, atshela uJohane, ukuba akwenze, Wavele wathi nje, “Hlala emhlanganweni usuphelile futhi ubone ukuthi kwenzekani.” Futhi emva kokuba umhlangano usuphelile, Wathi, “Manje, hamba ukhombise uJohane lezizinto: Izinyonga ziyahamba, izimpumpu the ziyabona, izithulu ziyezwa, kanjalonjalo, nabampofu kushunyayelwe ivangeli kubo. Futhi ubesisiwe ongakhubeki ngaMi.” Bese-ke, uqala ukukhuluma ngesikhubekiso.

¹⁸ Futhi khona-ke ngangi, ngabhekisela kumntwana omncane owayevela eZion, e-Illinois, phezulu lapha. Futhi uma ngingaphosisi, omunye ungitshelile, noma uthe babecabanga ukuthi babenjalo, ukuthi lowomntwana ubesesakhiweni kulobubusuku. Ngabe kunjalo na? Ngabe umama ulapha nalowomntwana waseZion City, e-Illinois, owayenomlenze okhubazekile, usontekile ngaphansi kwakho, futhi manje useyahamba na? Kuphakathi kokuthi ubelapha kulobubusuku noma kusasa.

¹⁹ Lowo ngumama. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. Ubulapha izolo ebusuku na? [Udade uthi, “Yebo, bengikhona.”—Umhl.] Kulungile. Kulungile. Angizange—angizange—ngi, niqondile ukuthi ngiqonde ukuthini, ukuthi ubungalethi isikhubekiso, kodwa nje ubu, umangalile nje ukuthi bekuzokwenzekani kulowomntwana. Ngabe kunjalo na? Kulungile. INkosi yenze nje lokho Eyathi Iyokwenza nokho, Ayikwenzanga na? Kuyamangalisa lokho. Bonga iNkosi ngalokho. Unayo ingane kanye nawe na? [“Qhabo.”] Akusikho lapha.

²⁰ Awu lokho, umama omncane waphuma. Wayenokukholwa kwakhe konke kwakhiwe, o, he, kwathi nje ngingabeka izandla phezulu kwengane, kwakuzokwenzeka khona lapho. Kodwa niyabo, lokho ngempela, ngezinye izikhathi, uma thina, uma lokho kungukukholwa kweqiniso, akukho lutho oluzokumisa. Ngakho phandle enqoleni, umama omncane waletha ingane ngosuku olulandelayo, futhi wayethe ukumangala, yena nomyeni wakhe omncane, futhi wayefuna ukwazi ukuthi kungani umlenze wengane ungehlanga.

Awu, angizange ngisho lutho, futhi ngacabanga, “Uyakukholwa lokho, nentombazane iyakukholwa ngempela, ngakho ku—kuzofanele kwenzeke, inqobo nje . . .”

Ngenkathi ephuma, washo into ethize engiphendula, “Uyacabanga yini, Mfowethu Branham, kuyintando kaNkulunkulu ukuba ingane yami ibe yisishosha na?”

Ngase ngithi, “Qhabo, mnumzane, akunjalo.” Yilokho nje ebikulindle. Niyabo? Ngakho Wakuhlonipha futhi wayiphulukisa ingane.

²¹ Futhi ngingena nje emizuzwaneni embalwa edlule, ngingahle ngibe nephutha kulobubufakazi, kodwa kukhona, uma owesifazane elapha, ngicabange ukuthi ngibone imoto phandle lapho, nenqola, bekukhona inenekazi elifike ebandleni lami maduze nje, cishe, o, akukapheli unyaka noma emibili edlule. Nalelonenekazi lalingaphandle le, *kanje*, linesimila. O, awukaze usibone isimila esinjalo! Odokotela abakwazanga ngisho nokusithinta, kwakuyisimo esibi kabi, futhi kukubi kakhulu ngangokuthi lalingakwazi ngisho nokuhamba, babefanele balithwale.

²² Awu, lezwa ukuthi ngangizoba sebandleni ngalobobusuku. Futhi niyazi ukuthi kukanjani, lelotabernakele elincane lapho, ngakho emva kokuphela kwenkonzo angibakhulekelanga abagulayo, Ngavele nganikela ngomkhuleko, futhi—futhi ngiqagele waye, wathi ukuba necala naye. Kodwa nokho, omunye wabadikoni abathembekile nabanye babo, bazi ngenkathi ngiphuma ngendlu yokutadishela, noma, ihhovisi lomdikoni, ngemuva. Bathwala lona wesifazane ompofu ngalapho, owesifazane omkhulukazi, nalesosimila esikhulu, o, kubi kabi, futhi bamlalisa phansi lapho esitebhisini, lapho ngenkathi ngiphuma kuyoba phakathi kokuthi ngifanele ngimeqe, noma okuthize.

²³ Ngakho-ke ngenkathi ngiphuma, wakhuluma izwi, noNkulunkulu wangipha iZwi, futhi ngaLiphendula. Futhi cishe—cishe ngehlobo eledlule, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, wama phandle ngaphambili nomyeni wakhe, emgwaqeni obuyela eCalifornia, nalowo wesifazane ubushelelezi nje, lelothumba lalingasekho ngokuphelele.

²⁴ Kukhona...futhi uma lokho...nga—ngambona eBloomington ngolunye usuku, ngase ngithi, “Dadewethu, ngithanda ukuba—ukuba wena usukume kulobubusuku.” Futhi abanye abefundisi bangibamba, futhi ngaqala ukukhuluma, futhi ngakhohlwa ngakho. Ngicabanga ukuthi leyo yimoto yakhe nenqola kuhlezi phandle lapha kunelayisense yaseCalifornia. Uma lowo wesifazane ephakathi lapha, ungasiphakamisa nje isandla sakho, Dadewethu na? Nomaphi, yebo, nango engemuva. Kunjalo. Ungaba nenkinga ukuphuma esikheleni esiphakathi nezihlalo lapho umzuzwana nje ukuze abantu bakwazi ukubona na? Hlehlisa ibhantshi lakho, ukuze abantu bakwazi ukubona elakho...? Nesimila sisikhulu kakhulu sasiphumele le. [Udade uyathokoza—Umhl.] Uma—uma lowo bekungaba nguwe kulesosimo ubungazizwa kanjalo nawe.

²⁵ Manje, khumbulani, wayemkhulu kakhulu ngangokuthi wayengakwazi ngisho nokuhambahamba, *kanje*, babefanele bamthwale, nesimila siphume *kanje*. Futhi yiwo onke amachashaza anyamalala, ahamba, futhi akusekho. Niyabo? Manje, asi... .

²⁶ Kukhona elinye inenekazi, ngiyacabanga, kulesisakhiwo kulobubusuku, umhlengikazi obhalisiwe. Ngimbonile yena nomyeni wakhe ngoluny'usuku lapha, bangabangane bami besifuba.

²⁷ Ukubona ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani: Lapho emarekhodini aseHouston, eTexas, yena, amathemba okugcina, efa, edliwa ngumdlavuzi, futhi bamletha emhlanganweni. Futhi ngenkathi umfowethu, uHoward, wayekhipha amakhadi omkhuleko ngalobobusuku, uvame ukuza ngaphambili, njengoba uBilly ubengenza, futhi axubanise amakhadi, futhi anikeze abantu amakhadi omkhuleko. Nalona wesifazane, ehlezi lapho, wabuka ngale kwelinye inenekazi elikabi kakhulu kunoma lalinjalo, lomhlengikazi, nokuba nozwelo ngabantu abagulayo, uyasukuma futhi ahambe aze ayofika le emuva futhi azifunele isihlalo yonke indlela ngemuva.

²⁸ Ngalobobusuku ngenkathi uHoward engena, umfowethu, ukuba akhiphe amakhadi omkhuleko phezulu ngaphambili, uMoya oNgcwele wathi, "Buyela emuva, futhi uwanikezele ngemuva, kulobubusuku." Futhi lathola ikhadi lomkhuleko, lingena emgqeni, uMoya oNgcwele walitshela ngakho, futhi ngokuphelele ngokoqobo waliphulukisa. Futhi lona, lokho sekucishe kube yishumi, iminyaka eyishumi nambili edlule, noma mhlawumbe ngaphezulu, futhi lisengumhlengikazi obhalisiwe, liphethe ikhaya labahlengikazi ezansi eTexas.

²⁹ Mfo-...Dadewethu Harris, ingabe ukhona wena kulobubusuku na? Ungumhlengikazi obhalisiwe, ndawondawo, othandekayo, owesifazane omuhle ovela...*nangu*, kunjalo, umhlengikazi obhalisiwe. Izehlakalo zokugcina zomdlavuzi, odokotela odabeni ezansi lapho bayazi ukuthi babeyombeka ngemuva. Futhi manje, bangitshela ukuthi odokotela, abathatha umhlalaphansi nezinto, beza kuye befuna usizo, bazi ukuthi ungumKristu owesaba uNkulunkulu owanikela ngempilo yakhe kuKristu noNkulunkulu wamphulukisa.

³⁰ O, ngizama ukuthini, mngane na? Ningakhubeki. Unjalo, akukho-sikhubekiso kuYe, Ugijima ngohlelo ngqo, a-hha, yebo, mnumzane.

³¹ Khona-ke uMoya oNgcwele usihole ukuba sisho izolo ebusuku, ukuthi asikho emuva le ngemuva, kanjalo asiqhubekilele phambili, sisohlelweni impela nje, loMlayezo ofike ngesikhathi esinawo namhlanje.

³² Futhi uma omunye umuntu ethe, "O, lokho sekwedlule izinsuku," futhi umuntu onjalo, hamba utshele uJohane, umelusi wakho, kumbe noma ngabe ubani, uyabo, izinyonga ziyahamba, izimpumpu the ziyabona, izimila ziyanyamalala, nemidlavuzi iyaphulukiswa. Kuthatha isikhathi eside kangakanani na? Inqobo nje uma ukukholwa. Kunjalo. Ihlala kanjalo-ke insindiso isikhathi eside, ngakho, inqobo nje uma ukukholwa.

³³ Ngakho manje yimani isibindi, yibani nokukholwa kuNkulunkulu. NoKristu akasishiyanga, ningakhubeki, uma Akwethembisa, Uyokwenza, futhi Usesikhathini ngqo, impela nje, Ushlelweni ngqo ngawo wonke umzuzu.

³⁴ Futhi wena uthi, “Mfowethu Branham, ngiyezwa ukuthi kulobubusuku ubusuku bami ukuthi ngizophulukiswa.” Ungakhathazeki, Ushlelweni ngqo, hlala nje ohlelweni, futhi uma ukholwa ukuthi lobu ubusuku bakho, yilobu.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

³⁵ Baba waseZulwini onomusa noNgcwele, njengoba sisondele esihlalweni saKho sobukhosi somusa, siphe umusa waKho kulobubusuku, ukushumayela iZwi likaNkulunkulu, ukuze abantu babone futhi bakholwe, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

³⁶ Ngenkathi ngisakhuleka... Abantu abakhuphule unkosikazi wami—wami kulentambama, nomfana wami omncane, uJoseph, ulapha esakhiweni ndawondawo, ngicabanga ukuthi bangenile. WayenguFakazi kaJehova, nomkakhe, ngiyacabanga, wayeyi-Anderson Church of God. Wayekade enesifo sofuba, waphulukiswa, wayenendodana ekhubazekile, uvendle emilenzeni yayo, yafinyela umlenze wayo. Futhi balandela umhlangano, babeseHouston, eTexas, ngiyakholwa. Yilapho uDadewethu Harris (Noma yikuphi lapho ebekhona, kumnyama emakhoneni, noma ngabe ubekuphi, *laphaya*.) waphulukiswa. Futhi babelapho ngalobobusuku ukuKhanya okwehla ngabo.

³⁷ BabeseLouisville, babehlala ngaphandle kwaseKentucky, futhi bayangena. NoMfowethu Woods qobo lwakhe, ngiqagele, akukuningi kakhulu kukho, enguFakazi kaJehova, futhi wakhulela kulolohlobo lomndeni, futhi ngokuqinile ukuba aqhele emasontweni, kanjalonjalo.

³⁸ Kodwa ubone intombazane ngalobobusuku eyayikade iphendulwe yaba ekutheni, nje ithuthumela, futhi iminyaka yayilala, kuthi ngqu ezinqulwini zayo, futhi ingakwazi ukunyakaza iminyaka. Yasukuma lapho, yahamba yaqhubeka inqamula emsamo, yathatha uhlaka lwayo, yayisiya ekhaya, yasebenza, yagijima yehla yenyuka ngezitebhisi ngosuku olulandelayo.

³⁹ Umfana omncane ehlezi esihlalweni esinamasondo, umlenze owoodwa umude kunomunye, wasukuma, wenyukela emsamo futhi wama lapho, umfo omncane washumayela khona ngqo emsamo, yomibili imilenze ifana. Futhi lokho kwabenza baqala.

⁴⁰ Ngakho ngaya eSweden, ngabuya, futhi babengapha ndawondawo emhlanganweni, ndawondawo lapha e-Ohio, futhi babehlezi emuva le kwingemuva lethende. Ngalobobusuku uMoya oNgcwele wathi, “Umfana omncane emuva lapho

egqoke ijezi, ijezi elincane eliphuzi, unina noyise,” nakho konke ngabo. Bona, abakaze ngisho, bazi ukuthi angikaze ngizwe ngabo, lutho, wayengusonkontileka enhla eKentucky. Futhi wathi, “ISHO KANJE INKOSI, umfana okhubazekile usephulukisiwe.”

⁴¹ Awu, bahlala lapho isikhashana futhi ngokuqondile wathi kumyeni wakhe, “Yenza umfana asukume,” into efana naleyo. Nomfana wasukuma, nemilenze yomibili yayifana. Lowomfana uyinsizwa kulobubusuku, ushadile, unomntwana. Futhi uma ngingaphosisi, David, ngabe wena ukhona esakhiweni na? David Wood, ukuphi wena na? Omunye umlenze ufinyele ngaphansi kwakhe nomunye... Ulapha wena, David na? Nango, emi emnyango. Ungahamba wehle ngapha kancanyana, David, ukuze babone ukuthi akukho... Akazi ngisho nokuthi kwakuyimuphi umlenze, futhi wafinyela ngaphansi kwakhe.

⁴² Manje, udade waseZion, lapho, nengane encane, niyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani komunye waleyomilenze efinyele, niyabona ukuthi Wenzani kowakho, UsenguNkulunkulu, Ushlelweni ngqo. Into kuphela kithi ukuba senze kube sohlelweni nje ukukholwa kwethu nobukhona baKhe lapha, futhi kuzokwenzeka.

⁴³ Manje, okomlayezo omfishane nje. NoBilly ungincomile izolo ebusuku, ukuthi ngiqedile ngempela cishe emashumini amathathu-nanhlanu, imizuzu engamashumi amane. Kade ngithatha amahora amabili, okungaphezulu kancane. Kodwa yena—yena wathi, “Wenza kahle, uma ungakwehlisela emizuzwini engamashumi amabili kuzoba ngcono kubantu.”

⁴⁴ Futhi ngathi, “Awu, lokho kuzoba nzima kimi.” Futhi ngakho, niyabo, kuthi ukuba l’khuni. Nginokuningi, engikhuluma ngakho, ngoba ngineNkosi enkulukazi ezayo, futhi ngikuthanda kakhulu ngilokhu ngiqhubeka nje nokukhuluma.

⁴⁵ Kodwa nina enifuna ukubuka emBhalweni, uma nizongena emaKhosini okuQala, isahluko 22, ivesi 14, lelovesi elilodwa lendikimba encane ukwenza ingqikithi kuyo, uma iNkosi isisiza ukuba sikhulume, imizuzwana embalwa nje.

Wayesethi uMikhaya, Kuphila kweNkosi, lokho iNkosi eyakukhuluma kimi, lokho ngizokhuluma.

⁴⁶ Manje, sinendaba enkulu lapha phambi kwethu, kodwa hhayi isikhathi sokusondela kuyo ngendlela efanele. Futhi kusasa ebusuku, uma ngingaphumelela, iNkosi ithanda, noma ubusuku obubodwa, ngi—ngingathanda ukubuyela eTestamenteni eLidala, lapha, bese ngicosha udatshana ngabaprofethi futhi ngibakhiphe, uma Ethanda. Khonake mina, kubonakala sengathi Ubesebenzana nami, ngami ukuthatha ubusuku bangoLwesine nangoLwesihlanu futhi ngishumayele *UPhawu LweSilo NoPhawu LukaNkulunkulu,*

futhi kuyinto ehambisana nesikhathi engicabanga ukuthi ibandla lifanele lazi.

⁴⁷ Futhi manje, kulokhu sithola ukuthi kwakukhona inkosi kwa-Israyeli ngalesisikhathi egama lingu-Ahabi. Wayeyinkosi yakwa-Israyeli, futhi ngalesisikhathi esifanayo uJehoshafati wayeyinkosi yakwaJuda. NoJehoshafati wayeyindoda elungileyo, indoda emesabayo uNkulunkulu, noyise, u-Asa, phambi kwakhe, wayeyindoda emesabayo uNkulunkulu.

⁴⁸ Kodwa sithola ukuthi u-Ahabi wayewuhlobo lwalokho esikubiza ngekhohlo elithiyeka emnceleni, umfo nje othe ukuhamba, noma ngayiphi indlela imimoya evunguze ngayo, ngani, kwathatha u-Ahabi. Futhi wayenonkosikazi ogama linguJezibele, futhi wayeshade lentombazane kuphela ukuqinisa umbuso wakhe. Futhi wayengumkhonzi wezithombe, futhi wayemdabule wonke u-Israyeli.

⁴⁹ Futhi, awu, abashumayeli bonke babehambile, okwakungabashumayeli abakahle ngempela, babebe sivivi, futhi—futhi nje cishe bonke babebuyele emuva. Kodwa kwakukhona indoda eyodwa endala ababengenakuyijika, lowo kwakungu-Eliya, wayengamkhohlisi, ngakho wa—wahlala naleloZwi ngqo, futhi ngakho, wayeprofethile ngokuthi kwakuzokwenzekani ku-Ahabi.

⁵⁰ Ngakho-ke ngolunye usuku uJehoshafati wabizwa ezansi ukuba avakashele lenkosi yakwa-Israyeli, okungukuthi, babefana nabazalwane nje, iMethodisti, neBaptisti, nePresbyterian, amaPentecostal, babengabafowabo, bonke babeyisizwe esifanayo futhi befana, befanele ukuba njalo, *ngokukhonza*, uNkulunkulu ofanayo. Futhi u-Ahabi waye, wayesalokhu eyikholwa, elisivivi, ikholwa elithiyeka emnceleni. Kodwa umkakhe waye, wayeyinhloko yendlu, kodwa ufanele ukuthi wayeyintamo eyaphendula ikhanda, niyazi, ngakho noma yini ayeyisho, wayeyinqubo.

⁵¹ Futhi, mfowethu, mangisho lokhu ngezinhlonipho kwabanye benu maDemokhrathi amahle anomqolo ozinzile: Yilokho esinakho manje. Engahle ukuba ulungile, kodwa kunenqubo emva kwalapho ephendula ikhanda. Futhi senze into efanayo njengoba nje . . . Sizofika kulokho kamuva.

⁵² Ngakho, nokho, lona wesifazane, wavele wamgijimisa, noma yini ayeyifuna, wavele nje wahlangana naye futhi wamenza ukuba akwenze, wasonga umunwe wakhe, futhi wayephethe isihlalo sobukhosi, wayengamandla emva kwesihlalo sobukhosi.

⁵³ Futhi ngakho uJehoshafati wamenywa ezansi ukuvakashela u-Ahabi, no-Ahabi wamkhombisa bonke ubukhazikhazi u-Israyeli ayenabo. Manje, kungaleyonkathi lapho ikholwa lingathola khona iqembu elingafanele. Ngenkathi uJehoshafati ehla ukuyohlanganyela no-Ahabi wangena esihlalweni sikanokusho esingafanele.

⁵⁴ Manje, kunezikhathi eziningi kakhulu ukuthi abantu bangakwenza lokho ngezinhloso ezinhle. Abantu abaqondile ukwenza okungalungile. Ngikholwa ukuthi kunabantu abanengi kulobubusuku osesonweni ngempela ongapuni ukukwenza.

⁵⁵ Esikhathini esithile esedlule enhle, intombazane esencane egumbini labagula ngengqondo, futhi babenegumbi labaphuthumayo, futhi ngabuyela lapho, njengowesifazane omuhle njengoba ngake ngambona, ngaqalaza abanye babo emajakhethini ezinhlanya, futhi wathi, “Ungangithatha kuqala, Mfowethu Branham na?”

Futhi ngacabanga, “Thatha kuqala na? Awusiso esinye se—seziguli,” futhi, kodwa wayeyiso.

Futhi wangitshela ngokuthi wayephile kanjani, ngathi kuye, ngathi, “Awufuni ukwenza lokho, uyafuna na?”

Wathi, “Qhabo, mnumzane, anginjalo, kukhona okuqhubayo ukuba ngikwenze.”

Ngathi, “Kungahle kubonakale kuyimfashini endala, kodwa lowo ngudeveli.”

⁵⁶ Futhi wathi, “Bengihlala njalo ngikukholwa.” Futhi uNkulunkulu wakhulula owesifazane, ushadile futhi unabantwana kulobubusuku. Futhi wayeyisidakwa, ohlulwa wuphuzo, isifebe, o, awukaze, impilo embi kabi kanje. Kodwa khona nje, abafuni ukukwenza kodwa kukhona into ebaqhubayo ukuba bakwenze, abafuni ukukwenza.

⁵⁷ Ngehlela eBowery ngase ngicosha lezozidakwa, ngase ngithi, “Awu, ungubani igama lakho na?”

“Ungangithengela isiphuzo na?”

“Qhabo, ngeke ngikuthengele isiphuzo, ngingumfundisi.”

⁵⁸ Futhi uthi, “Sukuma futhi ubuke *ngapha*, futhi ungabona ibhange engangingumongameli walo.” Niyabo? Lokho kuyiqiniso eliningi. Niyabo? Kodwa ba—abafuni ukukwenza, kukhona into ebaqhubayo ukuba bakwenze.

⁵⁹ Nginomngane ohlezi phakathi lapha ndawondawo, mhlampe kulobubusuku, njalo uyeza, futhi nonke, cishe, nijwayelene noRosella Griffith. Wayengomunye wabahlulwa uphuzo abakhulu kunabo bonke iChicago eyayinabo, uhlu lwabashushuluzi lwalungenalutho kuRosella. Futhi wafika emhlanganweni waseHammond, futhi lapho uMoya oNgcwele wambiza waphuma futhi wamtshela konke ngakho, futhi wakhululwa kulokho kusebenzisa uphuzo, futhi manje usebenza amajele nezinto nabanye abahlulwa wuphuzo.

⁶⁰ Rosella, ukuphi wena, Sisi na? Ngabe ukhona wena esakhiweni kulobubusuku na? Yebo, nangu, khona *lapha*, no—o—ongcwele kaNkulunkulu, umuntu othandekayo, owanikela

ngempilo yakhe futhi wazinikela yena uqobo kuKristu, futhi manje. . .

⁶¹ Ngenkathi ngimbona eza emsamo (Ngiyaxolisa, Dadewethu Rosella.), wayengumthakathikazi, obukeka edabukile, ukumbona. O, awukaze umbone umuntu *obukeka kanje*. Futhi ngifuna ni. . . Angikusho lokhu ukuthopha, kodwa uRosella, kulobubusuku, ungothandekayo, omuhle, owesifazane osemusha, uneminyaka eyishumi nanhlanu, ubukeka eneshumi nanhlanu, emncane ngeminyaka engamashumi amabili kunalokho ayikho ngempela. Futhi u—ungumuntu othandekayo lowo, futhi akazange aphuze utshwala, lapho isibhedlela emva kwesibhedlela, nodokotela emva kukadokotela, Alcoholics Anonymous yaseChicago, bonke bamdela njengodaba olungenathemba, futhi nango ehlezi kulobubusuku, emva kweminyaka neminyaka.

Umusa omangalisayo! umsindo omnandi
kanjani,
Osindisa olusizi njengami!

Yilokho-ke.

⁶² Abahlulwa uphuzo, niyabona ukuthi uNkulunkulu angenzani na? Udaba lomdlavuzo, niyabona ukuthi uNkulunkulu angenzani na? Imilenze emifishane, abakhubazekile, niyabona ukuthi uNkulunkulu angenzani na? UnguNkulunkulu. Usesikhathini ngqo.

⁶³ Manje, sithola ukuthi lendoda yahlangana nabangalungile.

⁶⁴ Futhi soni, uzwa labobantu bememeza, nimbonile lowo wesifazane egijima ehla edabula lapho futhi waqala ngalendlela ngalelo—leloso simila esikhulukazi, egcwele kakhulu inkazimulo akakwazanga uku sta-. . . akakwazanga ngisho nokusho lutho futhi waqala ukukhuluma ngezilimi na? Ngani, wayegcwaliswe kakhulu ngamandla kaNkulunkulu, ayekhiphe lesosimila kuye, khona, ngani, wayengakwazi ukukhuluma ulwimi lwakhe uqobo, wayedumisa uNkulunkulu nje. Niyabo?

⁶⁵ Uyamangala ukuthi yini ebona benze lokho. Awu, uthola nje into efanayo-ke, futhi ubhekisise ukuthi yenzani kuwe. Niyabo? Kuyoba yinto efanayo. Ngakho Ushlelweni ngqo, “Ngokuba isithembiso ngesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

Wena uthi, “Umelusi wami, ibandla lami, alikukholwa lokho.” Awu, unjalo, uhambisana nabangalungile, uhambisana nabangalungile, uyabo.

⁶⁶ Yilokho uJehoshafati akwenza, wahlangana nabangalungile. Wathola inqwaba yokubenezela, no-Ahabi wamkhombisa zonke izinto ezibenezelayo ze. . .

Ngiqagele uJehoshafati angahle ukuba wathi, “Usakholelwa kuJeh-. . .?”

“O, ngani, impela, siyakholelwa kuJehova, impela, impela.”

“Kulungile,” wathi, “manje. . .”

⁶⁷ Lapho ubona izwe likumema ndawondawo, khumbula, banembazo yokugaya. Niyabo? Futhi ntombi, wena lapha uphuma ekhaya lamaKristu, ongakaze ubheme noma waphuza, naleyontombazane izama ukukunika usikilidi, inembazo ukuba igaye. Leyonsizwa ifuna ukukukhipha uyodansa, kukhona imbazo ukuba igaye. Niyabo? Bhekisisa nje. Ungangeni kulesosixuku. Deda kukho.

⁶⁸ Akunandaba ukuthi babonakala bebahle kanjani, “Xwayani ukubonakala kobubi,” iBhayibheli lasho. Deda kukho. Awuboni ukuthi ungasondela kanjani—kanjani kukho ungoni, bona ukuthi ungaqhela kude kangakanani kukho, yileyo nto okufanele yenziwe. Ungalokothi ubone ukuthi ungasondela kangakanani esonweni, bona ukuthi ungaqhela kude kangakanani.

⁶⁹ Njengendoda yaseScotland eyayizokweqa intaba, babenabashayeli abathathu lapho, omunye wabo wathi, wathi, “Awu, lelawa elikhulu!” Wathi, “Ngabe yileyo ndlela phezulu *lapho na?*”

Wathi, “Ngumgwaqo lowo.”

Wathi, “Awu, ubanzi kangakanani lowomgwaqo na?”

Wathi, “Lowomgwaqo ubanzi ngama intshi ayishumi nje kunamasondo phakathi, enqola, ezindaweni.”

Wathi, “Kungcono ukhethe umshayeli okahle.”

Wathi, “Ngifanele ngenyuke intaba, ngiye phezu kwayo.”

⁷⁰ Enye indoda yathi, “Ngingashayela amahhashi ami ngokugabavula, futhi nge, ngithathe isiswebhu sami futhi ngishayele amahhashi ami ngokugabavula, futhi ngihlale phakathi kwama-intshi amabili alelorimu yonke indlela ngokuzungeza, ngaphandle kokuwa.”

Omunye umshayeli wenyuka wayesethi, “Ngingahlala phakathi kwama intshi amathathu alelorimu, futhi ngihambe ngizungeza ngigabavula ngokugcwele.”

Omunye umfo, emi lapho nje, engcothula ezithupheni zakhe. Wathi, “Uthini ngawe, mnumzane na?”

Wathi, “Mnumzane, ngingahle ngikwazi ukwenza lokho, kodwa angifuni ukuthatha lolohlobo lweshansi, ngihlala kude nje ngibhekene nohlangothi njengoba ufuna.”

⁷¹ Wathi, “Ngingumgibeli *wakho.*” Kunjalo. Futhi kungaleyo ndlela, ungaboni ukuthi yini ongayenza ukuze usondele kukho phambi kukaNkulunkulu, ubone ukuthi ungahlala uqhele kude kangakanani esonweni, nazo zonke izimo, neziyalo, nokungakholwa, futhi udede kukho konke okungamesabi uNkulunkulu. Suka kukho, deda kukho.

⁷² Futhi ngicabanga ukuthi uma umuntu eke waba ngale eZweni laseKhanani futhi wanambitha izinto ezinhle zikaNkulunkulu, awudingi ukuba ukhathazeke kakhulu ngaye noma owesifazane ngakho, bayoqhela kukho, inqobo nje uma bake bawanambitha lawomagilebhisi amahle aseKhanani.

⁷³ Manje, uJehoshafati uyehla no-Ahabi wamkhombisa konke ukubenezela kombuso, futhi manje, wayenembazo ukuba igaye, futhi wathi, “Uyazi yini ukuthi iRamoti Gileyadi ingeyethu, enhla lapho na? Ngenkathi uJoshuwa ehlukanisa amazwe, ungufakazi wakho, yebo, mnumzane, ukuthi ungufakazi ukuthi *lokho* kwabelwa thina, nenkosi yaseSiriya inakho, futhi kungokwethu.” Wathi, “Manje, akulona iqiniso lelo na?”

Wathi, “Mm, lelo yiqiniso, impela, ukuthi sonke singama-Israyeli.”

Wathi, “Manje, ungalihlanganisa ibutho lakho nebutho lami na? Futhi sobabili ndawonye, sizokhuphukela lapho futhi simxoshe lapho, ngoba lokho kungokwethu.”

⁷⁴ Futhi, niyabo, bangakhombisa, izwe lingakhombisa, udeveli angakukhombisa ezinye izizathu ezinhle ezibenezelayo, futhi ngisho nokukwehlisela emBhalweni, a-hha.

“Yebo,” uthi, “awu manje, sonke silungile, sonke singabantwana bakaNkulunkulu. Bonke abantu bangamadodana kaNkulunkulu.”

O, qhabo! Qhabo, qhabo, qhabo.

“Sonke sikholwa yizinto ezifanayo.”

O, nathi asikwenzi. Qhabo, mnumzane, impela asikwenzi.

⁷⁵ Futhi ngakho, bona, niyazi, uJuda watshelwa, wathi, wayalwa ukuba aqinise ukulwela ukukholwa, akusikho ukukholwa, ukukholwa uqobo okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele. Kunjalo. Hhayi ukulwela ukukholwa, ukukholwa uqobo okwakhululwa kanye. Futhi lapho uthola lokho kukholwa, uJesu wathi lezizibonakaliso ziyakubalandela onalokho kukholwa. Ngakho *lokho*, khona-ke uyazi ukuthi wena umi kuphi, uyabo, bese-ke uyazi ukuthi hlobo luni lwempilo obuyoluphila.

⁷⁶ Ngakho uJehoshafati wathi, “Ngani, impela, empeleni, singabantu abafanayo,” wathi, “izingqola zami yizingqola zenu, na—namahhashi ami angamahhashi enu, na—namasosha ami angamasosha akho, ngani, impela, sonke sindawonye.” Wathi, “Kungani singenyukele lapho nje,” [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] (Uxolo.) “futhi sizobaxosha na?”

⁷⁷ Kodwa wathi, wayese-ke ephenduka, ufanele ukuthi wacabanga, “Awu, awume kancane, asibuzanga iNkosi ngalokhu.” Niyabo, ikholwa langempela, ngaphambi kokuba lenze noma yini, akunandaba ukuthi yini, ukuthi kubukeka

kahle kanjani, liyohlala njalo libuza kuNkulunkulu kuqala. Amen. Yebo, mnumzane.

⁷⁸ Niyazi, ngibonile, izikhathi eziningi abantu beza kimi futhi bathi, “O, Mfowethu Branham, uma uzoza ngapha, sizoba noxhaso oluningi kangaka, sizokwenza *okuningi kakhulu*, sizoqinisekisa ukuthi akusoze kwabakhona upeni oshiywe ungakhokhiwe, futhi sizo—sizokunika okuningi *kangaka* ubusuku ngabunye.” Kubenyezela ngempela, kodwa niyazi, izinkawu zigxumela ezintweni ezibenyezelayo, ngakho asilinde nje. Igolide lesiwula libenyezela ledlule igolide langempela.

⁷⁹ Niyazi, ngobunye ubusuku ngasho ukuthi uKristu ungu—ngukukhazimula, hhayi ukubenyezela. Asisoze sakwazi ukuguqula izwe ngokuzama ukubenyezela amabandla ethu, futhi siwenze abe makhulu, futhi sipholishe abefundisi bethu ngemfundo engcono, ba—bavele banayo yonke leyonto. Banazo zonke izinhlobo zesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo nemidlalo yebhola nayo yonke into, izwe linakho lokho. Kodwa sineNto ethize abangenayo, lowo nguKristu. Niyabo? Zama, hlala nje endaweni okungeyakho. SinoKristu, abanaye uKristu, banayo yonke isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Noma ungazami ukubaqhathanisela nokuhlakanipha, ungeke wakwenza, ba—abakwenzi, bangakwedlula wena.

⁸⁰ Uya kumpristi oyiKatolika ngesinye isikhathi, uzame ukumedlula ngokuhlakanipha. Unezincwadi ezingamakhulu ayisithupha, zingcewele nje njengaleliBhayibheli, ufanele afunde. Ngakho, mfowethu, ungazami neze ukumfanisa nokuhlakanipha, ngizokutshela lokho. Kodwa uma nje uzohlala noMoya oNgcewele, Uzokwenza konke okunye kwakho, niyabo, hlala nje naLokho. Niyabo? Kodwa asifanele ukumesha ukuhlakanipha, sifanele ukuba noKristu, Yilokho esinakho, sineNto ethize abangenayo.

⁸¹ Ngakho ubufanele njalo uthintane neNkosi ngaphambi kokuba wenze noma yini. Futhi lapho uthi uzokwenza into ethize, “*Uma* kuyintando yeNkosi,” ufanele uthi, “uma kuyintando yeNkosi.” IBhayibheli lisitshela lokho.

⁸² UJehoshafati wakhumbula ukufundisa kwakhe okuhle uyise amnika khona. Wathi, “Awucabangi ukuthi sifanele sibuze iNkosi na?”

⁸³ Sengathi ngiyambona umBhishobhi Ahabi ethi, “O, o, ngani, ngani, impela, yebo, mnumzane, ngi—ngi—ngikholwa ukuthi sifanele senze lokho. Awu manje, ngineqembu nje khona phansi lapha, ngoba ngine—nginaso sonke isikole sabashumayeli ezansi lapha, abaprofethi.” Manje, khumbulani babengabaprofethi. “Nginaso sonke isikole sabo ezansi lapha.”

“Kulungile. Baluhlobo luni lwabaprofethi na?”

“Abaprofethi bakaJehova; sinabo khona lapha. Futhi, awu, ngizohamba ngibakhuphule.”

“Kulungile, lokho kuzoba kuhle.”

⁸⁴ Ngakho bonke bayenyuka, noHezekiya nabo bonke, i, wayeyinduna ye, phakathi kwabo, umbhishobhi omkhulu. Ngakho ngenkathi bonke benyukela phambi kwamakhosi, futhi bahlala bembethe izingubo zabo ezinde zasebukhosini, niyazi, ukwenza, phandle ohlobweni lwendawo ekude ngasesangweni, nabaprofethi bayenyuka, amakhulu amane abo, cabanga, izitshudeni ezingamakhulu amane, hhayi izitshudeni, babengababhishobhi abagcotshiwe, abafu abakhulu, bathi, “Sikhulekile, sikuzilile ukudla, sinentando yeNkosi, ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU UJEHOVA: ‘Yenyuka ulidle,’ ngokuba lingelethu, futhi lingelethu, futhi ngokufanelekile sinelungelo kulo. Asihambe silitathe.”

Bathi, “Ake sikucabange lokho manje. Manje, ngokwengqondo, kunjalo. Lanikwa thina, a-hha, kunjalo.”

⁸⁵ Futhi manje labobaprofethi, “Ake sibone manje, kwisayense yethu ephathelene nengqondo, imicabango yethu, ingqondo yethu yengqondo, lelo lingelethu, UNkulunkulu wasinika lona, lingelethu, isizwe sabahedeni singabanikazi balo.”

“Niyababona abaprofethi bami na? Bonke bathi, ‘Yenyuka ulithathe.’”

⁸⁶ Futhi, niyazi, umuntu oke waxhumana noNkulunkulu, a—angathi ukusho ukuthi kungokukaNkulunkulu noma qha. Niyazi, uJehoshafati wathi ukuzizwela, okuxakile kancane, wathi, “A, a, a, awusenaye omunye futhi na?”

⁸⁷ Wathi, “Omunye futhi na? Ngani, kunamakhulu amane abafundiswe ukwedlula bonke, abaqeqeshwe ukwedlula bonke, abagqoke kahle ukwedlula bonke, futhi, ngani, kukhona ezweni, emhlabeni! Uma amakhulu amane ngazwi linye ethi, ‘Hamba,’ ubuzelani omunye futhi na?”

Kodwa kwakukhona umuzwa omncane oxakile ezansi lapho, niyazi, kwakukhona okuthile okungalungile.

⁸⁸ Ngakho kanjani, niyabona manje, lapho uhamba uyocabanga ukuthi—ukuthi uma sonke sihlangana ndawonye ebunyeni, ngani, kukhona amandla, kodwa kungahle kungabi uhlobo olufanele lwamandla. Niyabo? Lapho okunobunye khona kunamandla, lapho okunokuvumelana khona. Kunjalo, uma kuvunyelwene ngento efanele, ya, sizohamba nalokho, kodwa akubuyele eZwini likaNkulunkulu kuqala. Niyabo? Futhi ngakho bathi. . .

⁸⁹ Yabunjwa kanjalo-ke inhlangotho yethu yokuqala, ibandla lethu eliKatolika elidumile. Yilapho abathi khona, enhlanganweni, “UMkhandlu waseNayisiya lapho, awucabangi ukuthi lapho eNayisiya ukuthi babefanele bazi, lapho bonke,

futhi bavotela bonke abanye ukuba baphume futhi bavotela lokhu kungene na?” Hhayi, noma kunjalo akukwenzanga kube kahle. Qhabo, mnumzane.

⁹⁰ Futhi kulungile lapho uNkulunkulu ethi kulungile, futhi akulungile aze Athi kulungile. Kunjalo impela. Kungakhathaleki ukuthi kukhulu kangakanani nokuthi kunomoya ongakanani.

⁹¹ Umpristi wangitshela esikhathini esingeside esedlule, wathi, “Ngani, Mfowethu Branham,” noma, “Mnu. Branham,” akangibizanga ngo “Mfowethu Branham,” wathi, “Mnu. Branham, kuyafakazisa kuwe ukuthi ibandla eliKatolika liqinisile,” wathi, “buka izivunguvungu esibhekene nazo, kwehle njalo eminyakeni, kunjalo.” Abantu bakithi phambilini babengamaKatolika, niyazi, ngakho, ngokuba yindoda engumIrishi. Ngakho bathi, “Konke kwehle,” bathi, “buka ukuthi ibandla eliKatolika limele ini, konke ukuhlushwa, kwehle.”

⁹² Ngathi, “Leyo akusiyo imfihlakalo, wonke umbuso nakho konke okunye emva kwakho. Kodwa kuthiwani ngePentecostal, nayo yonke into emelene nayo, lisesekhona na?” Amen, kunjalo, yonke into imelene nalo, impela. Yonke into *ingeyebandla* eliKatolika, impela, laliqhubeka nokuba khona ngaleyondlela. Kodwa kuthiwani ngayo yonke into imelene nalo, futhi ibabulale, futhi ibabulale, nakho konke okunye na? Laqhubeka kanjani nokuba khona na? Futhi nanti namhlanje, likhanya njengedola, amen, njengezinkanyezi zezulu, futhi liyokwenza kuze kube phakade.

⁹³ Manje, qaphelani, loJehoshafati, wathi, “Kukhona into encane engalungile,” phansi enhliziyweni yakhe wazizwela ukuthi kukhona okungalungile. Wathi, “Kodwa usenaye omunye umprofethi nje ndawondawo na?”

Wathi, “Ya, nginoyedwa. NguMikhaya phandle lapho, uyindodana ka-Imla, kodwa,” wathi, “Ngiyamzonda.”

O-o! Wazi ngayo leyonkathi ukuthi wayesemgudwini ofanele, wathi, “O, inkosi mayingasho lokho. Hamba umlande.”

⁹⁴ “Awu, sizodingani komunye futhi, lapho yonke—lapho yonke inhlangano ithi kulungile na?” Lokho kusalokhu kungakwenzi kube ngokulungile, nakancane, nakancane, qhabo.

Wathi, “Qhabo, ngisafanele ngibe, ngibone lona omunye umprofethi.” Ngakho wathi, “uthe wayengubani igama lakhe na?”

Wathi, “UMikaya, uyindodana ka-Imla.”

⁹⁵ Wathi, “Awu, hamba umlande, ake—ake sizwe ukuthi uzothini ngakho,” ngoba kwakukhona omunye omncane, umuzwa oxakile owawungavumelani neZwi, ndawondawo.

⁹⁶ Bathumela-ke. U-Ahabi wamgqokisa njengesosha futhi wathumela enhla lapho, futhi wathola u-Imla phandle lapho ndawondawo, noma, hhayi u-Imla, njalo, ngiqonde uMikhaya, indodana ka-Imla, wayephandle lapho ndawondawo eminweni eqhugwaneni elincane ndawondawo, wathi, “Manje, Mikhaya. Wena ungumprofethi uMikhaya na?”

Wathi, “Nginguye.”

Wathi, “Ubuwazi ukuthi uzohlonishwa na?”

“O, ngizohlonishwa na?” Njengokuthi uNkulunkulu wayengakakhulumi naye, niyazi. Ngakho wathi, “Ngizohlonishwa na?”

⁹⁷ “Yebo, ya, uzomenywa ngale e—enhlanganweni yabefundisi basesontweni izohlangana ndawonye, futhi bonke bahlangane ezansi lapho enkosini, futhi uya eHlala Mongameli. Ngiyakutshela, Mikaya, ubungeke ucabange ukuthi uyoke uthole ukuhlonishwa okunjalo, kodwa ukutholile ngempela, omncanyanyana, umfo ongafundile njengawe ohlezi emuva lapha, kodwa bafuna ukukukhuphulela e, phambi kwenkosi. Futhi bona—bona, i, manje lalelani, uyazi ukuthi sikuphi isikole esikhulu sabaprofethi, inhlango enkulu yomhlaba wonke yenhlango yabefundisi na?”

“Ya,” wathi, “E-hhe, ngibazi bonke, ya, ngiyazi ngabo, ezansi lapho.”

“Awu, uyazi, umazi ngempela uHezekiya lapho, omkhulu, umprofethi oyinhloko yabo bonke na?”

“Yebo, ngizwile ngaye, yebo, indoda enkulu, basho njalo.”

“Yebo, uyiyo, futhi bathi uneL.L., Ph., D.D.D., Q.U.S., zonke lezizinto, uyazi.”

“Yebo, ngiyazi ukuthi uqonde ukuthini.”

⁹⁸ “Awu, yena kanye, bonke, nganhliziyonye ufikile futhi wakhulekela into, bazila ukudla futhi bakhuleka, futhi uzenzele izimpondo ezimbili ezinkulu zensimbi, uqinisekile, uzeZwi leNkosi.” Ngakho wathi, “Wenyukela phambi kwenkosi, futhi wathatha lezizimpondo ezinkulu, wayesethi, ‘Ngalokhu uzoqhubukusha amaSiriya asuke ngqo emhlabathini kaNkulunkulu, futhi sizolidla ifa likaNkulunkulu. Amen.’”

⁹⁹ Yilokho esikucabangile ezinhlanganweni zethu, besizophusha yonke into emuva futhi sibenze bonke abe-Oneness, sasizobenza bonke babe yiTrinitarian, sasizobenza bonke babe yi-Assemblies of God, sasizobenza bonke babe yiBaptisti, noma iMethodisti, kodwa izimpondo zethu zensimbi azisebenzi. Kunjalo, kunjalo. Awukwenzi kanjalo, awubaphusheli ngapha nangapha, qhabo, “Uzoyiphushela emuva futhi ulithathe, unqobe into.”

¹⁰⁰ Inqubo yehlango yethu ilungile inqobo nje uma ungamqumeli ngaphandle omunye umfo, kodwa lapho unquma umfowethu olandelayo umkhiphe, unephutha. Ngakho yilokho abakwenzile, yilokho inhlango, sona impela isendlalelo sayo esiyikho, ngokunquma omunye umfo aphume.

¹⁰¹ Ngakho manje-ke, siyathola, manje-ke, ukuthi wathi, “Awu, uma yonke leyonhlango yabefundisi isho,” wathi, “manje, ngizokutshela, nginezwi elivela kulowomprofethi omkhulu, wathi, yisho into efanayo ayisho. Uma wenza, yehlela lapho, sizokuthatha sikufake enhlango weni, sizokwenza nje ube ngomunye wethu, ya, sizo—sizokutshela, sizokujoyinisa phezulu ngqo namaqembu ethu, uma nje uzo—nje usho into efanayo ayishoyo.”

¹⁰² Kodwa, mfowethu, wakusho endodeni okungesiyo, uMikhaya wathi, “Ngizokhuluma nje lokho uNkulunkulu akukhulumayo, futhi yilokho kuphela.” Amen, ngiyakuthanda lokho, yebo, mnumzane: “Ngizosho nje lokho uNkulunkulu akushoyo.”

Ngakho ekugcineni behlela lapho futhi bafika phambi kwenkosi.

NoMikhaya wathatha ubusuku phambi kweNkosi, ukubona ukuthi Iyothini.

¹⁰³ Ngakho baphuma bahamba phambi kwenkosi, futhi lapha kwakumi sonke i—isikole sabaprofethi sizungezile, futhi bonke babemi lapho beprofetha. Manje, khumbulani, babengesibo abaprofethi abangabahedeni, babezisho ukuthi bangabaprofethi bakaJehova. Kodwa bhokisisani nje manje.

Ngakho bathola ukuthi emva kokuba sebeshilo konke, bonke babeprofehle, wathi, “Yebo, iNkosi isalokhu ithi khuphuka, Inawe, thatha umuzi.”

UMikhaya waqalaza, wathi, “Qhubeka wenyuke, uthathe umuzi.”

U-Ahabi wayazi ukuthi kwakukhona into encane engalungile ngalokho, wathi, “Ngifanele ngikufungise kangaki na?”

Wathi, “Impela, khuphuka, uthathe umuzi, kodwa,” wathi, “Ngibone—bone u-Israyeli ehla kaze kile njengezimvu egqumeni, zingenamelusi.” Niyabo?

¹⁰⁴ U-Ahabi, lokho kwavusa intukuthelo yakhe elungileyo, wathi, “Ngitheni kuwe na? Wayezoprofetha okubi, konke akhuluma ngakho, elahla abesifazane bakithi ngokugqoka izikhindi,” futhi enaye lapho, “zonke lezizinto asitshela ngazo zonke ezethu... Ngangazi ukuthi wayezohlala njalo esho into embi ngami, impela lapho efika phezulu lapho, yilokho azokusho.” Yini enye abengayisho na?

Wathi, “Ngabona izimvu zakwa-Israyeli zihlakazekile entabeni, njengezimvu ezingenamelusi.” Futhi—futhi o, he, wayazi ukuthi kwakusho ukufa kwakhe.

Futhi wathi, o, wabila ngakho, ngoba wa—wathi, “Ngikutshelile ukuthi uyoprofetha okubi.”

¹⁰⁵ Awu, ubengakwenza kanjani okunye na? Ngoba wahlola umbono wakhe ngeZwi likaNkulunkulu, futhi wayazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lalithe ku—ku-Ahabi ngo-Eliya, owayengumprofethi kaNkulunkulu ngempela, ukuthi izinja ziyoxhapha igazi lika-Ahabi omdala ensimini, noma, enqoleni, ukuthi izinja ziyoxhapha igazi lika-Ahabi. Futhi uNkulunkulu wayemelene no-Ahabi, futhi lendoda kaNkulunkulu yayingakubusisa kanjani lokho uNkulunkulu ayekuqalekisile na?

¹⁰⁶ Kanjani yena, umfundisi angama kanjani epulpiti futhi atshele abantu, izinto abazenzayo, futhi abadedele bazedlulele ngaphandle kokusho noma yini ngakho na? Kungaphezu kwalokho engingakusho.

¹⁰⁷ Niyazi, eShayina, unkulunkulu wabo omkhulu ezansi lapho yisazi sefilosofi sasendulo abasibiza ngoConfucius. IConfucius yigama eShayina. EMelika ngukudideka, esikhundleni sikaConfucius.

¹⁰⁸ O, kwakuvamise ukuthi uyasithola isithombe... Ngaya esikhathini esedlule ukuyodla, omunye wangibuza, futhi kimi kwakubukeka sengathi umfanyana wami, uJoseph, wayengene ebhakedeni likapende ndawondawo lezinhlolo eziningana ezhlukeni zikapende futhi wonakalisa udonga lonke. Ngathi, “Indawo enhle njengale ebukeya ingcolile, into ebukeya inaphanapha ilenga odongeni na?”

“O,” ngabuza uweta, wathi, “awu lokho, wena, lokho kukuseyili.”

Ngathi, “Impela kubukeka kanjalo, bekungaphansi kokuconsa kukapende esitebhisini ndawondawo lapho beyokwenza uhlobo oluthile lomhlobiso.”

¹⁰⁹ Wathi, “O,” wathi, “mnumzane, lokho kungo*S'bani-bani* no*S'bani-bani*.” Ngani, kwakungabukeki ngisho njengomdwebo nhlobo. Futhi wathi, ngiyakhohlwa ukuthi mangaki, amakhulu amadola lowo mdwebo owabizayo, kulolodonga.

¹¹⁰ “Awu,” ngathi, “Ukuba bekuyimi, bengiyonikela okungako ukukususa lapho,” ngathi, “ngoba kuyongikhathaza ngife, kubukeka kugulisa kakhulu.”

¹¹¹ Niyazi, kwakuvame ukuthi okumnyama kwakungokumnyama nokumhlophe kwakumhlophe, ukuxuba ndawonye bese usunokumpunga. Ngakho-ke kungaleyondlela nje, baxoveke kakhulu, uphi umugqa owehlukanisayo phakathi kokulungile nokungalungile na? IMethodisti

iqinisile, kuthiwani ngamaBaptisti na? Uma iPresbyterian iqinisile, kuthiwani ngePentecost na? Kukhona uMugqa owehlukanisayo ndawondawo, nalowoMugqa owehlukanisayo uyiZwi likaNkulunkulu, lelo yiZwi, uMugqa owehlukanisayo kaNkulunkulu yiZwi laKhe, “Onke amazwi omuntu mawabe amanga, futhi awaMi, iQiniso.”

¹¹² Ngakho singakubusisa kanjani lokho uNkulunkulu akuqalekisile na? Ningawadedela kanjani amadoda aganwe kabili noma kathathu nabadikoni emabandleni enu na? Ungabavumela kanjani abesifazane baphungule izinwele, nezikhindi, futhi baziqokise konke okukhanukisayo, benyukele emsamo, futhi badlale upiyano, futhi baphumele ezitaladini bese behambahamba kanjalo, futhi ungasho okuthize ngakho na? Awukwazi ukukumisa, kodwa unganikeza izwi elimelene nakho. Kunjalo. Futhi amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nanhlanu abo abhema osikilidi, futhi baqhubeke, futhi baphuze ubhiya.

¹¹³ Ngangise—sekolishi esikhathini esingeside esedlule, nasekhempasini ezinkundleni amanenekazi amancane ehambahamba, egqoke izikhindi namakani kabhiya ebekwe yonke indawo, nabefundisi behleka, behlekisa ngeVangeli. Awu, ungalindela kanjani isizukulwane esilandelayo . . . ? Bazoba yini na? Uphi umugqa owelukanisayo na?

¹¹⁴ Ngangivame ukuba nomngane omdala oyiMethodisti, uDkt. Spurgeon, wayevame ukucula iculo:

Siwise imigoqo,
Sixegise ngesono.
Siwise imigoqo, izimvu zaphuma,
Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

¹¹⁵ Kungenkathi uwisa imigoqo, yilokho okwakwenzayo. Kwasuswa nomqondo othile omangalisayo womunye osemncane umshayi-swebhu laphaya ekholiji owayazi kakhulu ngakho kuno—kunoma uNkulunkulu akwenza qobo lwaKhe, futhi uqala imfundiso entweni enjengaleyo. Buyela eZwini!

Akunandaba, wena uthi, “Awu ku, ku—kusho *lokhu*, kwenza *lokhu*.”

¹¹⁶ Kufanele kube yiZwi likaNkulunkulu yonke indlela, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, hhayi unkulunkulu ofile, uNkulunkulu ophilayo, hhayi oyedwa owaphulukisa abagulayo emuva lapho, lowo ophulukisa abagulayo manje. Kusiza ngani ukukhuluma ngoNkulunkulu wasendulo, uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Impela.

¹¹⁷ Manje, ungeke wafudumala ngomlilo opendiwe, ngakho into ethize othi, “Kwake *kwaba* kanye.” Sifanele sibe nento ethize *manje*, nalowoNkulunkulu ofanayo usaphila, futhi Usaphulukisa, Usasindisa, Usanikeza uMoya oNgcwele, futhi Yena, futhi nguJesu Kristu ofanayo, izolo, namuhla, naphakade.

¹¹⁸ Manje, ngakho niyabo, uMikhaya waye—wayesekele ukukholwa kwakhe phezu kombono wakhe kuqala, waseke ethatha umbono wakhe wase ewuqhathanisa neZwi likaNkulunkulu, khona-ke wazi ukuthi wayeqinisele.

¹¹⁹ Futhi manje, yileyondlela ebesifanele sikwenze ngayo. Uma eyethu—uma isayense yethu yezenkolo iyothatha iZwi likaNkulunkulu, neyethu, izinto esizenzayo, futhi kuhlangana okwesisila sejuba kulolonke iBhayibheli, ngokuphelele neBhayibheli, lokho kulungile, khona-ke uma wenza lokho, uzoba kahle, kodwa uma kungakwenzi, kuyeke kanjalo, uNkulunkulu uzobusisa kuphela Athi Uyokwenza.

¹²⁰ Manje, sithola ukuthi u-Ahabi wayengumuntu oqalekisiwe, ngoba umprofethi, futhi wathi, “Ngangi, ekugcineni embonweni wami,” wathi, ngenkathi ebona umbono, wabona uNkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi, futhi wathi ibandla laseZulwini lalimi ngakwesokunene saKhe nangakwesokhohlo saKhe, futhi kufanele ukuthi babenomhlangano womkhandlu, futhi Wathi, “Ubani esingamthola ukuba ehlele lapho futhi adukise u-Ahabi,” manje, khumbulani, “dukisa u-Ahabi, futhi simkhiphele lapho kuleyonkundla, ukuze athole ukubulawa, ukugcwalisa iZwi lika-Eliya na?” Udumo! Haleluya! UNkulunkulu uyoma kanjani emva kweZwi laKhe!

¹²¹ Lowo kwakungumprofethi owasho lokho, kodwa uJesu wathi, “Uma uthi kulentaba, ‘nqukuleka,’ futhi ungangabazi, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo,” lapho wazi ukuthi YiZwi leNkosi elikhulumayo.

¹²² Yingakho bengingathi kulowo wesifazane, owayenesimila esikhulu, enenekazini elinomdlavuza lapha kulobubusuku, abehlukene, ngoba kuqala, ngumbono, uqhathaniseka neZwi, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Nanko umbono, khona-ke kuyenzeka, ngu ISHO KANJE INKOSI, futhi kufanele kwenzeke. Akukho okungakumisa. Niyabo?

¹²³ Manje, kwase kunesikhathi eside kusukela u-Eliya enze lesisprofetho. Wayekade eseNkazimulweni isikhathi eside. Kodwa wayezokwenza, wayenze lesisprofetho, futhi wayazi ukuthi sasizofezeka. Kwase kuthi-ke uMikhaya wazi ukuthi u-Eliya wayeyindoda kaNkulunkulu, futhi nangu uNkulunkulu wayekhona phezulu eZulwini ebambe umkhandlu phezulu Lapho, ukuthi lenziwa kanjani iZwi lika-Eliya ukuba lifezeke.

¹²⁴ Futhi uma *uneZwi leNkosi*, futhi *uzokhuluma* iZwi leNkosi, futhi *ungalingabazi* iZwi leNkosi, uNkulunkulu uzobamba umhlangano womkhandlu ukwenza iZwi lakho lifezeke, ngoba akusilo izwi lakho, yiZwi laKhe. YiZwi laKhe, uma kungu ISHO KANJE INKOSI, uma ngempela kungu ISHO KANJE INKOSI.

¹²⁵ Bhekisani, manje, babenomkhandlu. Futhi ngakho umoya owodwa uyakhuphuka, ufanele ukuthi uvela ezindaweni eziphansi, akungabazeki wakhothama phansi, wawusuthi,

“Nkulunkulu, ngizo—ngizo, ngi—ngiyazi ukuthi sizokwenza kanjani.”

“Ngakho-ke, yini icebo lakho na?”

¹²⁶ Wathi, “Ngizokwehla, futhi ngingene kubo bonke labobashumayeli, futhi ngibenze baprofethe amanga, ngoba abawazi umBhalo empeleni,” ngakho wathi, “Ngizokwehla ngibenze baprofethe amanga. Futhi ngalokho sizomphakamisa, futhi simkhiphele lapho, futhi khona-ke Ungamenza abulawe phandle lapho ukugcwalisa iZwi lika-Eliya.”

Ngakho, Wathi, “Uzokwenza, uyakwenza, uzomncenga.”

¹²⁷ Futhi ngakho ngenkathi esho lokhu, manje ungazibonela ukuthi lowombhishobhi wacabanga kanjani ngenkathi lowo omncanyanyana, umshumayeli oyi thu-bhayi-fo, emi phezulu lapho, esho izwi elinjalo, wahamba wenyuka ngqo wayesemmukula emlonyeni ngqo, futhi wathi, “Waya ngaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi Usuka kimi na?”

Wathi, “Uzobona, ngolunye usuku, ehlezi esibayeni laphaya,” washo.

¹²⁸ U-Eliya—Eliya wayekuprofethile, nombono kaMikaya waqhathaniswa neZwi likaNkulunkulu.

¹²⁹ Manje, uma ukukholwa kwakho kuthi... Manje, bangaki okholwayo ukuthi kukhona into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngoKristu na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Bangaki okholwayo ukuthi ubungaphulukiswa kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho. Awu, naso—naso isambulo sakho—sakho siqhathanisa neZwi likaNkulunkulu, khona-ke kuzofanele kufezeke. Amen. U—Uzofanele akwenze, uma ukukholwa ngempela. Nje ungazenzisi, manje, angeke asabise, uSathane angeke akhohlise, kodwa ufanele ube nezimpahla.

¹³⁰ Ezinsukwini eziyishumi emva kokuba uJesu enike abafundi amandla ukuba bakhiphe amademoni, sibathola laphaya behluliwe odabeni lwesithuthwane. Futhi sengathi ngiyabona omunye wabo, u-Andreya, ethi, “Manje, nansi indlela engikwenze ngayo ezansi eFilipi, nakhu: Phuma lapho, develi! Phuma lapho, develi!” Qhabo, wayengeke aphume.

¹³¹ UPetru wathi, “Anazi ukuthi wenza kanjani, nansi indlela esakwenza ngayo eKapernawume, ake ngikukhombise ukuthi ukwenza kanjani: Uyambamba *kanje*, uthi, ‘Uyazi ukuthi ngingubani na? NginguSimoni Petru! Phuma lapho!’” Udeveli waqhubeka nje nokuhamba.

¹³² Ngakho emva kwesikhashana ubaba wabheka phezulu, futhi nakhu kufika uJesu, eza ehla, wathi, “Nkosi, ngilethe umntwana wami ezincekwini zaKho futhi azikwazanga ukumzisa ngalutho.”

Wathi, uJesu wathi, “Ngingakwenza, uma ukholwa.”

Wathi, “Mina, Nkosi, siza ukungakholwa kwami,” wathi, “Ngiyakholwa.”

¹³³ Ngenkathi uJesu ehamba enyuka, yilokho kuphela Ayedingeka akwenze, udeveli wazi ukuthi kwakukhona Into ethize ngaphandle komuntu ehamba ekhuphuka lapho, ngaleyonkathi. Niyabo?

¹³⁴ Ngakho manje-ke, manje emva kokuba sekuphele konke, udeveli washiya umntwana, futhi emva kokuba sekuphelile, khona-ke abafundi babizela uJesu eceleni base bethi, “Manje, asikwazanga ngani ukukwenza na? Ngabe Wawasusa amandla kithi na?”

Wathi, “Qhabo.”

¹³⁵ Nginganikhombisa lapho Enikeza khona amandla, kodwa angikwazi ukunikhombisa lapho Awasuse khona, asekhona, nje uyesaba ukuwasebenzisa. Niyabo?

Wathi, “Yebo, kodwa, kungani singakwazi—kungani singakwazanga ukumxosha na?”

¹³⁶ UJesu wathi, manje, akashongo ukuthi, “Ngoba Ngithathe amandla emuva.” Wathi, “Ngenxa yokungakholwa kwenu.” Yilokho-ke. Niyabo? Yilokho-ke, ngoba awukukholwa.

¹³⁷ Manje, uMikaya wayengeke abe nokukholwa ngaphandle uma umbono wakhe wawuzoqhathaniswa neZwi likaNkulunkulu. Yileyondlela, phakathi, ngenkathi ngikhuluma ngo-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe, indlela kuphela enginokukholwa ngayo ngalowombono wami, kulokho, ukuthi kuyiZwi likaNkulunkulu impela. Bese kuthi-ke, unokukholwa: “Ngiyazi ukuthi *kunjalo*.”

¹³⁸ Nxa uNkulunkulu esho njalo, futhi Ukwethembisile ngeZwi laKhe, futhi uphila kulolusuku, Usebenza ngokohlelo. Yebo, mnumzane. Akukho lutho oluzokumisa, kuyaqhubeka ngqo. Futhi yingalesosizathu ngikholwa, kulobubusuku, ukuthi siphila emathunzini esikhathi nje. . .

¹³⁹ Umfundisi lapha ngolunye usuku, umfana akekho lapha kulobubusuku, uyiBaptisti futhi uthathe zonke izinhlobo zeziqu, futhi bona, ibandla lakhe, lamkhiphela ngaphandle, nabantu bakubo bamthumela esikhungweni sezinhlanga, yena nomkakhe. Ubelapha izolo ebusuku. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngivumelana nomfowethu impela.

¹⁴⁰ Futhi okukwenzayo, akufiki neze ebufundisini obukhulukazi basesontweni, kwehla ngqo, njengoba kwenza uJesu, njengoba kwenza abaprofethi, njengabo bonke abanye, kuhlala kunjalo ngalapho, ngabantu abampofu, futhi kwenzeka, sekuhambile, futhi bathi, “Awu, kwenzekeni na? Bengi—ngingakwazi.” Impela. Uyakwembula kulabo abaNbhekile, labo abazohlala bathule futhi bakulalele umzuzu, futhi udabule

imicabango yakho uqobo, futhi uqhathanise lokho okulalele eZwini likaNkulunkulu.

¹⁴¹ Manje, ukuba u-Ahabi wayehlale phansi umzuzu, noma uma lowompristi omkhulu, noma yimuphi walabobaprofethi, wayehlale phansi futhi waqhathanisa, hhayi lokho okwakubukeka kulungile, kwakubukeka sengathi lokho kwakungokuka-Israyeli, kodwa akusikho ukuthi kubukeka kanjani, kuyilokho uNkulunkulu akusho ngakho, niyabo. Ukuba babehlale phansi futhi bakuqhathanisa!

¹⁴² Kubukeka sengathi besifanele sithathe futhi sibe nezikole zethu namabandla ethu—ethu *phezulu* kakhulu, abanePh.D. neLL.D., futhi besifanele sibe nezakhiwo ezinkulu kunazo zonke, ezihle kunazo zonke emhlabeni, futhi besifanele senze konke lokhu—lokhu ukufunda, ukubhala, nezibalo. Kodwa lokho akusikho okwashiwo nguNkulunkulu, Akazange athi hambani nifundise abantu. Lokho kulungile. Angisekeli ukungazi kwami manje ngemfu- . . . noma—noma ukusebenzisa lokho okwenduku yokuqhugela. Kodwa bukani, ngisho lokhu: Imfundo ilungile, kodwa ayisoze yathatha indawo yensindiso. Niyabo?

¹⁴³ O, imidlalo yebhola, no—nokwesasa, nokunye nokunye, lokho kulungile, kodwa akusikho okwebandla. Ebandleni sifuna uKristu, hhayi isimo sikaKristu, noma isithombe sikaKristu, noma uKristu ofile, noma ithuna likaKristu, sifuna uKristu *ovukile*, Ophila kanye nathi, ezifakazisa Yena uqobo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Yilokho iBandla elikufunayo, abebefanele bakufune, kuncike ekutheni isifiso sokudla siyini, niyabo, nokuthi ngabe bazokwemukela noma qha.

¹⁴⁴ Manje, waqhathanisa umbono wakhe, ngaleyonkathi, nalokho iZwi likaNkulunkulu elakusho, futhi wama khona lapho phambi kwezizwe ezimbili futhi wabatshela, wathi, “Awuzukubuya, uzofela ezinkundleni.”

¹⁴⁵ Futhi niyazi ukuthi u-Ahabi wathini na? Wathi, “Buyisela lomfo, futhi utshele imeya yedolobha ukuba imfake ejele, futhi imuphe isinkwa sosizi kanye nangamanzi osizi, futhi lapho sengibuya ngokuthula,” wathi, “Ngi—ngi—ngizomnakekela lapho sengibuya.

¹⁴⁶ Niyazi ukuthi uMikhaya wathini na? Waphenduka, wambuka, wathi, “Futhi uma ubuya nokubuya, iNkosi ayikhulumanga kimi.” O, wayazi lapho ayemi khona. Yileyondlela noma ubani obengakwenza ngayo.

¹⁴⁷ Yilokho lelonenekazi elincane elakwenzayo ngengane yalo encane, ngenkathi lali*qinisekile* kakhulu uma ngiyikhulekele! Yilokho inenekazi elinesimila esikhulu emuva lapho, lilele emuva lapho! Akunandaba ukuthi lalifanele lenzeni, lilime kukho, lingene ngophahla noma yikuphi, ukuze nje likwazi ukufika lapho, yilokho kuphela elalikufuna,

ngokuba kwakungukukholwa kwalo, kwaqhathaniswa neZwi likaNkulunkulu, futhi lalazi ukuthi uJesu Kristu wayesaphila, ngakho-ke lalinokukholwa, futhi kwenzeka.

¹⁴⁸ Manje, manje sithola ukuthi—ukuthi uMi- . . . ukuthi yonke into uMika ayeyishilo, noma, uMikhaya ayisho iyafezeka impela nje. Futhi wonke umprofethi kusukela phansi onyakeni (Manje siyavala.), kwehle njalo onyakeni, owake wenza noma yini ngoNkulunkulu, wathatha iZwi likaNkulunkulu lokuma. Manje, abasukanga eZwini, akunandaba ukuthi izimo zazibukeka kanjani, abasukanga eZwini.

¹⁴⁹ UNowa, uNkulunkulu watshela uNowa ukuthi lalizokuna, uNowa akazange agudluke kulokho, wahlala nakho ngqo, akunandaba, mhlawumbe isayense, ababenayo inkulu ngaleyonkathi kunaleyo abanayo manje, ukuze bakwazi ukwakha izinto futhi benze izinto ngaleyonkathi, esingakwazi ukuyenza manje, e—e—esayenseni yalomhlaba, bakha izivivane neKhanda elikhulu lehubesi eliqoshwe ngetshe, kanjalonjalo, ukuthi asikwazanga ukuveza njengakho.

Kodwa wathi, “Ivelaphi leyomvula na?”

¹⁵⁰ UNowa wayengenakubatshele lokho, akakwazanga ukuphendula umbuzo wabo, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekhulume kuye, ngakho wayehlala ngqo neZwi, wathi, “UNkulunkulu washo njalo.” Niyabo?

¹⁵¹ U-Abrahama wayengenakusho, ngenkathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, ukuthi wayezoba kanjani nengane ngoSara, naye enamashumi ayisishiyagalolunye.

¹⁵² “Uhamba kanjani . . . ? Kanjani . . . ? Kufakazise kimi. Lapha, use—usemdala, isizalo sakhe somile futhi asisekho. Ngani, nonke ngisho aninabo ubudlelwane bomndeni iminyaka engamashumi amabili, futhi nakhu la nikhona, nithi nizoba nengane. Uzokwenza kanjani na?”

“Angazi.”

“Awu, nazi kanjani ukuthi nizoba nayo na?”

¹⁵³ “UNkulunkulu washo njalo.” Manje, lokho kuyakuxazulula. Hlala neZwi ngqo. Bonke abaprofethi beqiniso bahlala neZwi. Ngesinye isikhathi Libafaka enkathazweni, cishe sonke isikhathi, liyakwenza, kodwa Li—kodwa Li—Liyiqiniso njalo.

¹⁵⁴ Abantwana bamaHeberu bathi, “UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulesosithando somlilo, kodwa asizukukhothama kunoma yini enye, leyo yinto eyodwa, impela, singaqoka ukusha kunokuba sikuhoxise emuva.” Ngakho kwababiza amahora ambalwa omkhuleko ngobunye ubusuku, futhi ezansi esithandweni somlilo ngokusa okulandelayo, kodwa babenengxoxo naLowo onjengeNdodana kaNkulunkulu emi phakathi lapho. Niyabo? Kodwa bahlala neZwi.

155 UDanyeli wathi, “Angikhathali ukuthi zingaki izimemezelo ozenzayo, nginomkhuba wokuya efasiteleni futhi ngiliphakamisele ngasempumalanga futhi ngikhuleke kuNkulunkulu wami.” Kwambiza ubusuku emphandwini wezingonyama, kodwa wahlala neZwi, kunjalo, u—uyaphuma. UNkulunkulu njalo uyalinakekela iZwi laKhe. Ya.

156 UDavide ngenkathi wayesenhla lapho ngalesosikhathi phambi kukaSawule, wezwa lowoGoliyati omkhulu ephuma lapho futhi ethi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo.” Niyabo? A, qhabo, lokho kwakuyihumusho lango 1961 lakho, ngiyaxolisa, ngizobuyela emuva. Wathi, “Abanye benu beza ngapha futhi balwe nami,” niyabo. Ngakho wathi . . .

157 Futhi uSawulu, ikhanda namahlombe ngaphezu kwempi yakhe, futhi phezulu lapho, futhi wathi, “Awu,” wathi, “Ngizokutshela, kuyinto embi, leyondoda, mfana, iyo . . . buka ukuthi iyokala ini, futhi ine . . . ngani, iminwe yayo ingamayintshi ayishumi nane ubude.” Wathi, “Awu, ini . . . ?” Yilokho iBhayibheli elikushoyo. Futhi wayeno—nomkhonto onjengenalithi yomaluki, okungukuthi cishe engaphesheya kwalelokamelolo. Futhi wathi, “Ngani, ubani ongake akhuphuke futhi alwe nomfo onjalo na?”

158 Futhi nakhu kuza omncane omdadlana . . . Futhi yonke impi yahlehla, ama-Israyeli, niyazi, befanele ukuba ngabantu abesaba uNkulunkulu, bahlehla, bathi, “O, he! O, singeke sakwenza lokho, he, akukho—muntu othinta lowomfo.”

159 Yathi, “Ngiyakutshela ukuthi ngizokwenzani, asikho isidingo sokuchitha igazi elingaka,” yathi, “omunye wenu nje eze ngapha, alwe nami, nanoma ubani, uma ungibulala, khonake amabutho ethu, sizonikhonza.” Niyabo, yileyo ndlela udeveli athanda ngayo ukuphonsa isibhakela lapho ecabanga ukuthi unonqenqema kuwe. Niyabo?

160 Ngakho ngelinye ilanga wakusho kaninginingi, kwakukhona umfo omncanyanyana emi lapho, uhlobo lwe, mhlawumbe omahlombe aqhothile, inganyana endadlana, ezisonge ngesikhumba semvu *kanjalo*, nendwayimane esandleni sakhe.

161 NoGoliyati uyaphuma wayesethi, “Nonke nina lapho enizisho ukuthi ningamaKristu, niyazi, us’*bani-bani-bani*, awu, woza ngapha futhi asibone lokhu,” washo, niyabo.

UDavide wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi nizoma lapho futhi nivumele lowomFilisti ongasokile adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?”

162 Nomfowabo wathi, “Manje, usuyaganga, ngizotshela uBaba ngawe, lapho usuya ekhaya, niyabo, yilokho kuphela engizokwenza, manje, uzama ukubukisa.”

Wathi, “Angibukisi, kodwa kukhona inhlekelele eseduzane,” wathi, “kukhona into eseduze, leyo ndoda idelela amabutho kaNkulunkulu ophilayo.”

¹⁶³ Ngakho bamyisa kuSawulu, futhi sengiyambona uSawulu ethi, “Ngiyasazisa isibindi sakho, ndodana, kodwa,” wathi, “o, he,” wathi, “ngani, awulutho kodwa inganyana, futhi ubeyi—ubeyiqhawe kusukela ebusheni bakhe. Awazi ukuthi ngayisebenzisa kanjani inkemba noma lutho.”

¹⁶⁴ Wathi, “Kodwa mina, buka,” wathi, “Nginesipiliyoni esithile engaba naso ngesinye isikhathi, ingonyama iyangena,” wathi, “Ngelusa izimvu, nengonyama iyangena, yathatha enye yezimvu zikababa wami, futhi nga—nga—nga—ngayibulala.” Futhi wathi, “Khona-ke ibhere liyangena lase lithatha elilodwa, ngalibulala.” Futhi wathi, “Manje-ke uNkulunkulu uyomnika kakhulu kangakanani lowomFilisti ongasokile!” Niyabo? Wathi, “I—ingonyama yathatha enye yezimvu zikababa futhi yaphuma yabaleka,” wayesethi, “kwase kuthi-ke ngenkathi ikwenza, ngayilandela leyomvu ngase ngiyibuyisa.” Ngiyasithanda lesosibindi, anithandi na?

¹⁶⁵ Niyazi ukuthini? Kukhona abanengi benu zimvu phandle lapho, lapho kungekho ngonyama, kodwa umdlavuzo, noma ithumba, noma omunye udeveli ukubambile wagijima waphuma. Siyeza kulobubusuku, kunjalo, sibuyisa izimvu zikaBaba, wena lungela ukuzinikela. UKristu kaNkulunkulu ulapha, Uzokubuyisela uphephile ngqo empilweni futhi. Ukugula noma ukuhlupheka kukutholile, izolo ebusuku, ezihlalweni ezinamasondo, kanjalonjalo, noma yini, niyabo, ukuhlupheka kuyakuthatha, kodwa uBaba ulapha ukuba akukhulule, uMoya oNgcwele. UDavide wathi . . .

¹⁶⁶ “O,” wathi, “manje uzodingeka ube nokuqeqeshwa okuthile kwesayense yezenkolo ngaphambi kokuba uphumele lapho ukuyokwenza lokho,” niyazi. Ngakho wathi, “Kungcono nje uthathe umfundaze wami ukuze uzo. . .” Ngakho wabeka izikhali zakhe ezinkulu phezu kwakhe *kanjalo*, noDavide omncane bandla wahamba wayothi ngqo phansi emhlabathini. Wathola ukuthi ivesti yobufundisi kaSawulu ayizange ilingane indoda kaNkulunkulu, ngakho akafunanga nayiliphi lamaphepha akhe obuhlelo.

¹⁶⁷ Ngakho wathi, “Susa leyonto kimi, angikaze ngiyifakazise, angazi lutho ngakho, kodwa ngiyazi ngalokhu,” wathi, “mangihambe nalokho engikwethembayo.” Futhi wathatha leyondwayimane encane wayesephumela lapho, noNkulunkulu waqondisa lelodwa futhi wasibulala lesosiqhwaga. Kungani na? Wahlala noNkulunkulu, wahlala ezinkolelweni zakhe. Kunjalo. Lonke iqiniso . . .

¹⁶⁸ UPetru noJohane, ngenkathi bedlula esangweni elithiwa eLihle, beyalwe nguNkulunkulu ukuba bahambe bakhulekele

abagulayo, lapho kwakulele indoda ikhubazekile kusukela esizalweni sikanina, wathi, “Isiliva negolide anginalo, kodwa enginakho ngiyakunikha khona.”

Yathi, “Unani na?”

“Nginokukholwa kuJesu Kristu. Unakho okufanayo na?”

“Yebo, mnumzane.”

¹⁶⁹ “Yima ngezinyawo zakho-ke.” Amen. Nazo-ke. Bavele bamqokula-ke, wayekade ediyazela futhi etshikiza, nje babelokhu bembabile, ngqo uqala ukuba ngcono kancane, nangu ehamba, ehamba eqhubeka ngqo. Wanamathela kukho, wahlala nokuthunywa kwaKhe, wahlala neZwi.

¹⁷⁰ UJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, omkhulu kunabo bonke, akakaze abekhona noyedwa onjengaYe, futhi akasoze abakhona, kodwa ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wahhlala neZwi, Wehlula udeveli ngeZwi likaNkulunkulu. Udeveli wathi, wayeMlinga, wathi, “Ngani, uyazi ukuthi kulotshiwe, manje. . .”

Wathi, “Yebo, futhi kulotshiwe futhi!”

Wathi, “Awu, uyazi ukuthi ngingusiyazi wezenkolo.”

Wathi, “Yebo, nami nginguye, nami.”

Wathi, “Awu, ku—kulotshiwe ukuthi Uyakuyaleza iziNgelosi zaKhe ngaWe funa noma ngasiphi isikhathi Wena, ushaye unyawo. . .”

“Yebo,” Wathi, “kulotshiwe futhi, Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu waKho. Ngakho buyela emva kwaMi.” Nangu waqhubeka. Niyabo?

¹⁷¹ IZwi likaNkulunkulu, bonke abaprofethi beqiniso, onke amaKristu eqiniso, onke amakholwa eqiniso, hlalani naleloZwi, kungenandaba ukuthi noma ubani uthini, hlala neZwi ngqo. Bathi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ningakukholwa, ngokuba iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

“Awu,” wena uthi, “siyakukholwa lokho.”

¹⁷² Awu, uma Esenguye, khona-ke Uzoziphatha ngokufanayo, Uzokwenza okufanayo. Ngabe lokho. . .? Bekungangisiza ngani, ngime lapha futhi ngishumayeke lokho, uma uNkulunkulu engeke ehle futhi athi kunjalo na? Manje, ungeke washo ukuthi akusilo iZwi likaNkulunkulu, ngakho-ke yiZwi likaNkulunkulu, nabu ubufakazi obubonakalayo bomunye obufakazisile.

Uyakukholwa kulobubusuku ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yonke inhliziyo yakho uyakukholwa na? Asikhothamise amakhanda ethu, khona-ke, umzuzwana nje.

¹⁷³ Baba wethu waseZulwini, manje ngisanda kuphenya nje amakhasi eBhayibheli, Lelo yiZwi elilotshiwe, manje sifuna iZwi elenziwa inyama lakha phakathi kwethu, kwangathi

Angehla manje engumuntu, futhi asikhombise ukulunga kwaKhe nesihawu saKhe, kwangathi Angasikhombisa ukuvuka kwaKhe, kwangathi Angakhombisa amandla aKhe ukuthi Usenguye.

¹⁷⁴ Manje, singabantu abancane nje, abahlushwayo, abantu abahlekwayo, futhi yilokho obekuhlala kuyikho. Futhi sithanda ukuma noPawulu kulobubusuku futhi sithi, “Indlela ababeyibiza ngokuthi ukweduka, ukuhlanya, yileyo ndlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu.”

¹⁷⁵ Futhi manje, Nkosi, siphila kulolusuku olukhulu, oluprofethiwe, lokungakholwa macala onke. Sinenqwaba yakho, izwe nje licindezelwe phansi ngakho kuloNyaka weBandla laseLawodikeya.

¹⁷⁶ Ngisho nalapho ibandla laKho uQobo likhubekile kuWe, futhi labuyela emuva, futhi lasuka lalandela izinto zezwe, ibandla beliyoba ngcono ukuba uJesu ubefike eminyakeni engamashumi amane edlule ngalo, kunoma linjalo kulobubusuku, ngoba konke kwephukile kuzo zonke izinhlobo zezimo namasiko.

¹⁷⁷ Nabefundisi abasebasha bevuka bephuma emakholiji ngengqondo yabo uqobo nezinto, futhi benganaki iBhayibheli futhi bethatha amasiko, kanjalonjalo, futhi bawuvalile njengoba nje bebehlele bekwenza.

¹⁷⁸ Nkulunkulu, Usalokhu unguye, njengoba Wenza nje, emuva lapho ngezinsuku za—zabaprofethi, UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzozibonakalisa Wena uqobo ukwazisa abantu.

¹⁷⁹ Manje, ukushumayela, izwe lishunyayelelwe ekufeni, abantu abampofu abazi ukuthi bakholwe ini, bagijima *lapha nalaphaya*. Njengoba Washo nje, ngezinsuku zokugcina kuyofika indlala, hhayi ngesinkwa sodwa, kodwa ngokuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso, nokuthi *lesosikhathi* siyasondela manje, Nkosi, Wathi bayoya empumalanga nasentshonalanga, enyakatho naseningizimu, befuna iZwi likaNkulunkulu.

¹⁸⁰ Manje, Baba, ngempela kungaleyondlela manje, ukuzwa abantu bethi bayohamba amamayela angamashumi amathathu phezu kwamatshe aqoshiwe, bengafake lutho ezinyaweni, ukungena komunye umhlangano omuhle kamoya njengoba babevame ukuba nawo eminyakeni engamashumi amane edlule. Kodwa, O Nkulunkulu, bakutholaphi na? Bangena esigejaneni semfundiso engaphikiswa eyenziwe ngumuntu.

¹⁸¹ Kodwa, Nkosi, Wethembisa ukuthi kuyoba ngaleyondlela. SiKubonile kulowoNyaka weBandla laseLawodikeya, Waphushelwa ngaphandle kwebandla laKho, unyaka kuphela abaKukhipha ngawo ebandleni laKho uQobo, futhi Ubungqongqotha emnyango, “Uma umuntu omile, Ngizovula ngingene.”

182 Baba, ngikhulekela ukuthi ngabantu abaningi abomile lapha kulobubusuku, abazokoma, “Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.”

183 Manje, thina, njengeBandla laKho, sizinikela kuWe, kwangathi Ungasebenzana nathi njengabantwana baKho, siyakhuleka, eGameni likaJesu. Amen.

184 Uphi uBilly na? Ngabe abekhona amakhadi omkhuleko anikezwayo namhlanje na? Noma ukwenzile na? Awu, masingawasebenzisi. Asidedele uNkulunkulu abe yiKhadi lakho loMkhuleko, kulobubusuku. Ngizwa nje ngiholeleka ukwenza lokhu. Ngaphambi kokuba si...Yebo, lezi yizindwangu esizikhulekela ngokweZenzo 19, 19:11, siyathola.

185 Manje, bangaki lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisani izandla zenu, aninawo amakhadi omkhuleko futhi niyagula na? Awu, bangaki onamakhadi omkhuleko khona-ke na? Phakamisa isandla sakho. O, he! Owokuqala, owesibili, ngiqagele abekho ngaphezu kwamashumi amathathu abanamakhadi omkhuleko, futhi cishe amakhulu amathathu ogulayo. Kulungile, ngakho iningi lingakwelinye icala. Asibambe nje lawomakhadi omkhuleko kuze kube ngobunye ubusuku.

186 Asisho lokhu nje: Uma uNkulunkulu ehlala enguNkulunkulu, futhi angithethelele ngokwenza lokho kuphawula okungukuthuka okungewe, UNkulunkulu *ungu*Nkulunkulu, futhi uma EnguNkulunkulu, iZwi laKhe lisalokhu lifana, neBhayibheli liyasho ukuthi ngemivimbo yaKhe naphulukiswa. Uma leyoNkosi uJesu ibingafika kulobubusuku, okungukuthi, Ibiyokwenza, bekuyoba ngukuphela kwesikhathi, siyakwazi lokho, kodwa uma Ubezobonakala lapha, kulobubusuku, futhi ubemi lapha kulomsamo, njengoba ningibona ngimile, futhi uza kuYe bese uthi, “Nkosi, Ungangiphulukisa na?” Ubengeke akwenze, Ubeyobe edelela umthetho waKhe uqobo.

187 Niyabo, Ubeyothi, “Sengivele ngikwenzile.” Ngemivimbo yaKhe *saphulukiswa* thina. Angahle athi ukungena kuwe ngokungakukholwa, kodwa Ubeyokwenza—Ubeyokwenza, ngemivimbo yaKhe *naphulukiswa*.

188 Manje, bangaki obelapha futhi wangizwa ngishumayela ngeSonto eledlule ntambama ngeNzalo ka-Abrahama, nokuthi kanjani ukuthi, e, ukuzwile, kanjalonjalo na?

189 Manje, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, ake sibone nje ukuthi Wayeyini lapha emhlabeni. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wayenemigqa yomkhuleko, ngiqagele, impela, kodwa izikhathi eziningi Wayema, abuke phezu kwezethameli, futhi atshele abantu. Ngabe kunjalo na?

190 Bangaki owaziyo ngokufundwa komBhalo ukuthi kwakuyisibonakaliso saKhe sobuMesiya na? Mingaki umBhalo,

abafundi beBhayibheli abakwaziyo lokho na? Nisho ukuthi kunalabo *abaningi* kuphela abafundi beBhayibheli phakathi lapha kulobubusuku okwaziyo lokho na? Cishe ingxenye eyodwa kokuthathu yabantu baphakamisa isandla sabo. Mangaki amaPentecostal aphakathi lapha, kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho. Nginyanidabukela noma umelusi wenu, oyedwa! Awazi ukuthi sasiyini isibonakaliso sikaMesiya na?

¹⁹¹ UMose wathi uyoba yini uMesiya na? “INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa u...” umfundisi na? “. . .umProfethi, onjengami.”

¹⁹² Futhi ngenkathi bebona . . . Futhi uNkulunkulu wathi, “Uma kukhona umprofethi, futhi enza isibonakaliso somprofethi, futhi kuyafezeka, khona-ke mkholweni, ngoba Ngi—Ngi, Mina, lelo yiZwi laMi, kodwa uma kungenzeki, khona-ke ningamkholwa.”

¹⁹³ Manje, ngenkathi uJesu esemhlabeni, indlela Azifakazela ngayo Yena uqobo ukuthi unguMesiya, manje, ngifuna ukukhombisa abanye benu bantu bePentecostal lokhu: Bukani lowo wesifazane ongumSamariya, manje, inqobo nje uma kade usePhentekoste, nokho lowo wesifazane ongumSamariya onegama elibi wayazi kakhulu ngeBhayibheli ngenkathi ebone uJesu, kunoma nazi, ngoba ngenkathi uJesu ekhuluma naye futhi wathi, “Sifazane, hamba ulande indoda yakho”:

Wathi, “Anginayo.”

Owesifazane wathi, a, Wathi, “Yiqiniso lelo, une, ubunayisihlanu, naleohlala nayo manje ayisiyo eyakho, ngakho usho iqiniso.”

¹⁹⁴ Wayesethi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezozinto.” Wayazi ukuthi lokho kwakuzoba yisibonakaliso sikaMesiya. Niyabo?

Futhi Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

¹⁹⁵ Wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?” NeBhayibheli lasho ukuthi wonke lowomuzi wakholwa kuJesu ngenxa yalokho, e, kwezwi lowesifazane. Manje, bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? Niyabo?

¹⁹⁶ Awu, uma lesu kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, khona-ke U . . . Ungeke wathola nowodwa umBhalo lapho Enza khona lokho ngaphambi koweZiz- . . . , e, kwabeZizwe, manje, ngoba iVangeli lalingakayi kwabeZizwe. Kodwa Wethembisa ukuthi bef- . . . ekupheleni konyaka wabeZizwe, lapho abeZizwe manje sebebheke uMesiya . . . Ingabe thina? Awu, manje-ke, uma Ebonakala ngesimo eshlukile kunoma Enza ngaleyonkathi, khona-ke akusuye uMesiya ofanayo. Ngakho Uzofanele eze kwabeZizwe entweni efanayo, noJesu wathi Uyofika, wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

¹⁹⁷ Futhi sithola ukuthi ngenkathi iNkosi yehla isenyameni yomuntu phambi kuka-Abrahama, iBandla elikhethiwe, ngenkathi uBilly Graham wesimodeni nabo behla futhi bashumayela ezansi eSodoma ezansi lapho, ukuletha uLoti, nebandla ezansi lapho, ngaphandle, kodwa esigejaneni esikhethiwe, iNgelosi yahlala ifulathele ithende ngomhlane waYo futhi yasho ukuthi uSara wayenzani ethendeni. Kunjalo na? NoJesu wathi into efanayo iyokwenzeka ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu.

¹⁹⁸ Manje, ningahambahambi, hlalani nithule futhi nihloniphe ngokuzithoba. Bangaki khona lapho okholwayo ukuthi UsenguNkulunkulu ofanayo na? Kulungile, khulekani, yibani nokukholwa nje, ningangabazi, khulekani.

¹⁹⁹ Futhi manje, phambi kukaNkulunkulu uSomandla, OnguMahluleli wami, ngalezizethameli zabantu, ukuthengwa kweGazi laKhe, Ngizobona ukuthi ukhona yini umuntu lapha engimaziyo ngempela esakhiweni. Manje, uma ngingaphosisi, khona lapha ekugcineni, lendoda ehlezi lapha, yona nomkayo, ngicabanga ukuthi ngiyabazi labobantu. Ngabe kunjalo, mnumzane na? Futhi ngi—ngicabanga ukuthi lona ngumfowethu oligugu ohlala njalo eletha izimbali lapha, nenenekazi lihlezi ekugcineni, ngicabanga ukuthi ngiyabazi. Futhi khona emva kwalapho ngqo ngabangane bami abahle, ababili abalandelayo emuva, nguMfowethu noDadewethu Dauch abavela enhla e-Ohio. Akunjalo na? Ngabe nguwe, Dadewethu Dauch, noMfowethu Dauch na?

²⁰⁰ Manje, emuva ezansi ngaleyondlela angiboni-muntu, futhi kuze kube lapha. Lona akusuye uMfowethu Stricker ohlezi khona lapha ngaphambili, nguye na? Khona lapha egqoke iyembe eliphuzi na? Ngabe elakho...? Qhabo. Futhi ngiyazi uMfowethu Stricker ulapha ndawondawo, ngoba ngiyambona namhlanje, kodwa angazi ukuthi ukuphi, futhi, o, ya, emuva le ngale ekhoneneni, emuva le ngemuva. Awu, ukubona nje, ngi—ngiqagele yilokho kuphela engikwaziyo ezethamelini.

²⁰¹ Manje, khulekani, futhi nikholwe, futhi nisho lokhu: “Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi i, leyondoda phezulu lapho ingumuntu nje,” niyabo, “kodwa ngiyakholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Futhi nakhu ngihlezi lapha futhi ngiyagula, neBhayibheli lingitshela ukuthi UngumPristi oMkhulu engingamthinta ngokuzwelana kobuthakathaka bami.” Nizovumelana nonke kulokho na? Lelo yiBhayibheli.

²⁰² Awu, manje-ke, ngenkathi lowomPristi oMkhulu wayelapha emhlabeni, owesifazane, ngoluny’usuku, wathinta ingubo yaKhe, futhi wathi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.” Ngakho waMthinta, wayesesuka, wahlala phansi, mhlawumbe njengoba ulapho, noma wasukuma, noma ngabe kwakungayiphi indlela.

203 UJesu waphenduka, wathi, “Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?” NoPetru waMkhuza futhi wathi wonke umuntu ubekuMthinta. Kodwa Wathi, “Ngiyabona Ngibe buthakathaka, kuphumile amandla kiMi.” Futhi Waqalaza phezu kwezethameli waze Wamthola owesifazane, futhi wamtshela ngomopho wakhe, futhi wamtshela, ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wakwenza lokho na? Thanini, “Amen.”

204 Awu, bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lathi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? Amen. Manje-ke, iBhayibheli lasho ukuthi khona manje, ngalomzuzwana, UngumPristi wakho oMkhulu, ehlezi ngakwesokunene soMkhulu, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwakho, futhi ungumPristi oMkhulu ongathintwa, khona manje, ngokuzwelana nobuthakathaka bakho. Thanini, “Amen.” Kulungile.

205 Manje, wena nje, ngiyazinikela, yisiphiwo, yebo, mnumzane, isiphiwo sikaNkulunkulu, futhi ngeke sisebenze ngaphandle kwakho, nguwe ofanele ube nokukholwa.

206 Bukani, umRoma owamboza indwangu ebusweni baKhe, wayesethatha induku, wayesemshaya ngayo phezulu ekhanda emagekeni ngalokho kusa, wayesethi, “Uma ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile,” UJesu akazange awuvule umlomo waKhe, akazange ezwe nakancane amandla, lelo sosha elingumRoma alizange.

207 UJesu emi lapho, nesikhwehlela bonke ubuso baKhe nentshebe, opha, indwangu izungeze ubuso baKhe *kanje*, nesosha lamaRoma limi lapho, lidakwe ingxenye, mhlawumbe, linomhlanga, wathi, “Hheyi, bangitshela ukuthi ungumprofethi, ungehlulela imicabango yenhliziyo, sitshele ukuthi ubani okushayile, ngitshela ukuthi ubani okushayile, futhi ngizokukholwa,” Akazange enze lutho.

208 Ngenkathi uSathane ethi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yenza isimangaliso khona lapha, ake ngikubone usenza, angikubone usenza, yenza isimangaliso, ngizokukholwa.”

Wathi, “Buyela emva kwaMi, Sathane.”

Nibazwile, nanamuhla, bethi, “Ake—ake ngibone laba baphulukisi ngokukaNkulunkulu benza *lokhu*.” Ngani, impela. Impela.

“Buyela emva kwaMi, Sathane!”

209 UJesu usalokhu ekhona. Sigcina amehlo ethu kuJesu, hhayi kubagxeki, kuJesu. Unamehlo akho kuKristu—kuKristu, angeke ubabone abagxeki, qhubeka nje uhamba. Ngiyazi Uyafana, kimi, UnguNkulunkulu wami, kunjalo, uMsindisi wami.

210 Manje, khulekani, nina eniphandle lapho, futhi asibone. Uma Ezokwenza into efanayo, kini nonke nina zifiki, lapha

kulobubusuku, ongakaze abe semihlanganweni ngaphambili, kuzokwenza ukholwe na? Phakamisani izandla zenu bese nithi, “Ngi—ngiyakholwa.” Cishe izandla ezintathu.

²¹¹ Yingakho iMelika isekukhothozeni kwayo. Bekukhona cishe okubili kokuthathu kwesixuku esithe esikhashaneni esedlule bebeyizifiki, ngathi, “Bangaki abazokholwa, uma uKristu ezobonakala lapha futhi enze into efanayo Ayenza ngenkathi Esaphila na?” Izandla ezintathu ziphakamile. Manje, ningabona ukuthi kungani amatheyipu, nokuthi iziprofetho zithini. Niyabo? Kulungile. Nina makholwa angempela nokho, qalani ukukholwa, qalani ukucabanga, qalani ukukhuleka.

Kungenza ngisho izinto engingafuni ukuzisho, futhi kuyangikhathaza. (Umzuzu nje, ngiyacela.)

²¹² Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzoba nesihawu, Nkulunkulu. A—angazi, mhlawumbe uma—uma kungesiyo intando yaKho, khona-ke, kusobala, Baba, akuyikuba njalo. Kodwa ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, ukuze lababantu bazi ukuthi ngikhulume ngaWe, Khuluma ukuthi ngikhuluma iqiniso, Nkosi, Kuvumele kubuye. Ngiyazi Ulapha, ngani, ngale kwethunzi lokungabaza, Nkosi, ngiyazi Ukhona lapha, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona.

²¹³ Kade ngishumayela kanzima, futhi ngisola abantu, futhi ngibatshela ngokungakholwa kwabo, futhi bona, akunandaba ukuthi baya kakhulu kangakanani esontweni, nokuthi bacula kangakanani, ukuthi badansa kangakanani, nanoma yini abayenza, Nkosi, ngaphandle uma bengamakholwa ba—balahlekile. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzokwazisa lokho, iqiniso kulobubusuku, ukungakholwa yisona sono kuphela esinaso, futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosazisa.

²¹⁴ Mabangethembeli ekulungeni kwabo uqobo. LabobaFarisi nabapristi babelungile nje ngakho konke ababengakwenza, ngakho abenzanga lutho olubi, babengekhulume izwi elibi, babengeke bathethise noma ubani, kumbe noma yini, futhi Wabatshela ukuthi babengabakayise udeveli, ngoba abaKukholwanga, futhi bazi ukuthi WawunguMesiya.

²¹⁵ Futhi, Baba, ngalokho, ngibona uMoya wakho ofanayo ufika futhi ukwenze kulobubusuku, ngimemeza kakhulu into efanayo. Yima ngakimi, Nkosi, ngiyinceku yaKho, eGameni likaJesu, ngizunikela kuWe nalezizethameli. Dlula kulezizethameli, Nkosi, futhi ubakhethe lapho, baphe ukukholwa futhi ubavumele baKuthinte kulobubusuku, ngokugula kwabo nezinkathazo zabo, Fakazisa ukuthi Wena unguNkulunkulu, futhi khuluma, Nkosi, silindele Wena, eGameni likaJesu. Amen.

²¹⁶ Ngiyazi Ulapha. NgiyaKubonga, Nkosi. Leyondoda ehlezi ngapha ngakwesokunene sami, indoda eyikhaladi, ihlezi lapho, ikhuleka, ekugcineni kwesihlalo, ingabe uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, mnumzane na?

²¹⁷ Owesifazane ohlezi emuva lapho onesifo sikashukela, ehlezi ngqo, owesibili phakathi lapho, engibuka, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise esifweni sikashukela na? Uhlezi khona lapha, ungibuka ngqo na? Uma uzokukholwa, ungaba nakho.

²¹⁸ Kuthiwani ngawe, Mfundisi ohloniphekile na? Ucabangani ngakho na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu wenza, asuse lezozinkinga zokomoya kuwe futhi akwenze ukholwe na? Kulungile, ungaba nakho okucelayo, khona-ke. UNkulunkulu akubusise.

Uthinteni na?

²¹⁹ Lelinenekazi lihlezi, kimi, khona phandle lapha ekugcineni kohlu, inenekazi eliyikhaladi, lihlezi khona lapho, linomdlavuza, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi. Uphulukisiwe.

Ubufanele uphendule khona lapho, nenekazi. Ukugejile.

²²⁰ Lapha, uhlobo lwenenekazi eliqatha, lihlezi khona lapha, lingibuka, khona phansi lapha, lifake izibuko, izinwele zenziwe ngemuva, linenkathazo yabesifazane, lihlezi lapho likhuleka, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, nenekazi na? Uyakhukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Unelakho . . . Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awu, awuzukudingeka ulisebenzise, ukukholwa kwakho kukusindisile.

Ngizofulathela. Khulekani, ngakululuhlangothi.

Kukhona inenekazi elihlezi khona emuva lapha elinenkathazo yenhliziyo, futhi linesifo samathambo. Khona lapha. Nkk. Brady, sukuma. Angilazi inenekazi.

Kodwa bayakugeja. Yini indaba ngalokho kungakholwa phakathi lapha kulobubusuku na? Nginyanidabukela!

²²¹ Lapha, ezansi ngqo ohlwini kusukela enenekazini, cishe elokuqala, elesibili, elesithathu, amanenekazi amane, inenekazi elihlezi lapho linamalumbo abuthakathaka, oku . . . ungakugeji, dade. Nkk. Rice, sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. Amen.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

²²² Nakhu kuhlezi inenekazi ngapha lisesimweni sokufa linomdlavuza uhlezi kulo. Nkk. Skelton, uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Sukuma futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho eGameni likaJesu Kristu. Manje, uma ngingakwazi, nenekazi, vayizelisa isandla sakho *kanje*, uma siyizihambi omunye komunye, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili uma ngingakwazi.

²²³ Niyabo? Anikholwa na? Yini indaba ngani bantu bePentecostal na? Anazi yini ukuthi uKristu uyini na? Niyafuna

ukuphulukiswa na? Khona-ke sukuma nime ngezinyawo zenu futhi nikwemukele. Ngi—nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe eGameni likaJesu. Sukumani, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu. Khumbulani, nguwe, yena impela. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Phakamiselani izandla zenu kuKristu manje futhi asikhuleke. Zikhulekeleni nina, zikhulekeleni ngenkathi ngisanikhulekela.

²²⁴ Baba waseZulwini, ngiKunika lezizethameli zabantu eGameni likaJesu Kristu, phulukisa bonke, Nkosi, makuthi uMoya waKho namandla kwehlele phezu kwabo futhi abasindise, enkazimulweni kaNkulunkulu nangenxa yenkazimulo kaNkulunkulu ngiyakucela, eGameni likaJesu Kristu.

²²⁵ Sonke isoni esiphakathi lapha esingamazi uNkulunkulu njengoMsindisi wakho, ungenyukele lapha futhi uMemukele njengoMsindisi wakho manje na? Khuphukelani lapha manje, nginiphosela inselelo ukuba nikhuphukele lapha manje futhi nemukele uKristu njengoMsindisi wenu. Uzoza na? Ongakholwayo, lokho bekusesikhashaneni esedlule, futhi ufuna ukwemukela na?

UNkulunkulu anibusise, banumzane, wozani ngqo. Yilokho-ke nsizwa, yilokho-ke. O, kunjalo.

²²⁶ Nina eningakholwanga emizuzwini embalwa edlule, futhi manje nifuna ukucela uNkulunkulu ukuba anithethelele ngokungakholwa kwenu, yenyukelani ngase-altare. Wozani manje.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,

UNkulunkulu abusise lamadoda azayo.

Konke kuyenzeka, (. . . ? . . .)

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

²²⁷ IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, amaPentecostal, lowo ongakholwayo, wozani manje ngase-altare, wozani ukuze sibeke izandla phezu kwenu ngenkathi ugcobo . . .

²²⁸ Yini enye engenza lokho na? Bonke labobantu obebiziwe kulowomugqa, noma ngabe bekukuphi, uma niyizihambi kimi, phakamisani izandla zenu, labo ababizelwa emgqeni, phakamisani izandla zenu. Nakho lapho bekhona. Niyabo? Angibazi labobantu.

²²⁹ UMoya oNgcwele, niyazi ukuthi Wathini kimi na? “Yenza ukubizela e-altare khona manje. Kunenqwaba yokungakholwa phakathi lapha.” Angikwazanga ngisho nokuqhubeka nomhlangano size sikhipe leyonto lapha. Yini indaba na? Suka! Awuwufuni umoya onjalo ngakuwe. Ukuba-ke uJesu ubengeza

ewuMuntu kulobubusuku, wena ohlezi phandle lapho na? Wena ongakholwayo, woza!

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,

Konke kuyenzeka . . .

²³⁰ Wozani. Wozani khona manje, nonke. Uma uKristu esondele kanje kuwe kuloboBukhona, kungani ungahlala emuva na? Ube nomuzwa omncane wokunqikaza, ukhiphe kuwe, woza manje!

. . . kholwa kuphela,

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Kholwa kuphela . . .

Yilokho kuphela Akucela ukuba ukwenze, ukuba ukholwe, kholwa nje ukuthi nguYe. Nje, uma ungakukholwa, khuphuka futhi uphenduke kukho, bhekisisa ukuthi kwenzekani.

. . . kuyenzeka, kholwa kuphela;

Kholwa kuphela . . .

Woza, dadewethu, yilokho-ke. “Lowo ophuma echiphiza izinyembezi uyongabaza- . . . buya futhi ethokoza, eletha izinyanda eziyigugu.”

Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

Ngiyajabula ukubona abelusi bekhuphuka, bavume ukuvuma ukuthi banephutha.

Kholwa kuphela . . .

²³¹ UNkulunkulu uyohlonipha ukuvuma okumsulwa okungahlanganiswe nalutho, impela uyokuhlonipha. Uzokwenzenjani lapho loMoya ofanayo, lapha kulobubusuku, uzoma ebukhoneni baKhe ukuba uphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa na? Futhi khumbula, kusohlelweni impela. Yilokho Athi Wayezokwenza, futhi nakhu.

. . . kholwa kuphela;

Ningenza manje, abanye futhi na?

Kholwa kuphela . . .

²³² Ngininika inkululeko, ngininika inkululeko kukho konke ukungakholwa kwenu, uma uza ngobuqotho, futhi uphenduke, futhi wemukele uKristu. Uma ukholelwa ezeni, ilunga lebandla, awazi ukuthi ukahle noma qha, kungcono uze.

. . . kholwa kuphela.

²³³ Manje, zisebenzi eziqondene nabantu, wozani, zonke izisebenzi eziqondene nabantu, ningenyuka ngqo manje, ukuze nazi ukuthi nifanele nenzeni ngabantu, nina zisebenzi eziqondene nabantu, yenyukani ngqo futhi nibuthane ngakubo manje, lababantu ngapha, ngoba sizoba nomkhuleko.

²³⁴ Futhi uma kukhona abangakhohlwayo emuva lapho futhi efuna ukuza, woza phambili ngqo noma kanjani. Ngokuhamba kwenu niye phambili kulobubusuku, bantu, uvumile ukuthi unethemba lokuthi ubunephutha ekucabangeni kwakho, futhi uyeza manje ukuthola isehlakalo sikaNkulunkulu ophilayo. LoNkulunkulu ofanayo enimbona lapha esebenza lapha emsamo nakubantu phandle lapho, UnguNkulunkulu wenu, wena—wena, mhlawumbe nje a—awuzange nje ume umzuzwana nje ukukunaka.

²³⁵ Ulapha, NguYe Onibizile ukuba nenyukele lapha. Niyabo? UMoya ofanayo owangicoba ukuba ngishumayele iVangeli nguYe ofanayo Owaphuma wedlula ezethamelini lapho, okwaziyo, ubungaMthinta ngomuzwa, ubuthakathaka bakho.

²³⁶ Abantu, ngale kwethunzi elilodwa lokungabaza, abantu engingakaze ngibabone empilweni yami, bame phandle lapho, ubusuku nobusuku ezethamelini, benyukele lapha emsamo, ubusuku nobusuku, usuku emva konyaka, iviki neviki, imvuselelo emva kwemvuselelo, futhi akukaze nakanye kwehluleke. Uma lokho kunjalo, bandla, thanini, “Amen.” Manje-ke, kungani ukuthi iNkosi . . .

²³⁷ Ake nginitshela, ISHO KANJE INKOSI: Kungcono uphenduke, Chicago. Ihora lakho seliseduze. Phendukani! Woza, kholwa, ngoba kuzofika isikhathi ukuthi uyokhalela lokhu, futhi ngeke kube lapho. Ungeke wemukele okwangempela, ngakho kuzoba khona okwamanga okunika khona. UJesu wathi, “Ngiza ngeGama laMi uQobo, aniNgamukeli, omunye uzofika futhi nina niyomamukela.” Khumbulani, ngicaphuna amaZwi aKhe, kusetyipini, erekhodini.

²³⁸ Kungcono uMemukele ngenkathi usengakwazi, ngoba ziningi izinto ezweni esilungele ukufezeka. Izinambuzane ezingakaze zichanyuselwe ngaphambili zizovela. Manje yisikhathi sokuba nilunge, kungcono nikwenze ngaphambi kokuba nina . . .khona-ke i, emva kwesikhashana, isihlalo somusa sizosuka, futhi akusayikubakhona okunye ukuhlengwa, ngakho wozani ngenkathi ningakwazi. Uma kukhona ichashaza elilodwa likaNkulunkulu elikubizayo, phuma khona manje.

Ukuze ngizoqiniseka, mangiqiniseke, kanye futhi, *Kholwa Kuphela*, ndawonye.

Kuphela . . .

Ngilokhu ngizwa ukuthi kukhona umuntu laphaya o . . . omunye ndawondawo.

. . .kuphela . . .

. . . izinto ziyenzeka, kuphela . . .

²³⁹ Angilona uhlanya, bafo, ngisho into engingayiqondile ngempela enhliziyweni yami. Impela beningeke nikucabange

lokho emva kwalokho iNkosi ekwenzile. Nakhu kuza iqembu lonke lamatshitshi asemancane.

Manje, zonke izinto ziyenzeka, kholwa kuphela.

²⁴⁰ Manje, ngifuna nina zisebenzi eziqondene nabantu, nibeke izandla phezu, ngamunye wenu abeke, vele ubeke izandla zakho phezu komunye umuntu ukuze wena, njengoba nje uMfowethu Oral Roberts eshilo, indawo yokuxhumana. (Aninalo igumbi lapha lokubafaka, ninalo na? Qhabo, angicabangi ukuthi banalo.) Kulolu hlobo lwemihlangano, ngesinye isikhathi lapho sesiwutholile, niyazi, simise lapho esingaba khona namakamelo enhlanganyelo.

²⁴¹ Ngifuna zonke izethameli nikhothamise amakhanda enu ndawo zonke, uma nithanda, nina phandle lapho okhathalele lemiphfumulo lapha e-altare, bazi ukuthi beze ngenhlonipho yokuzithoba, kulobubusuku, ukuba bavume iphutha labo futhi—futhi bacele intethelelo, ukuba uNkulunkulu abe nesihawu kubo. Impela.

²⁴² Ngiqagele niyamangala ukuthi kungani ngilokhu ngibeka izandla zami phezu kwa*laba* lapha. Angiyena umuntu okholelwa ezeni, njalo ngesikhashana ngibuka phandle bese ngibona umbono, bese kuthi-ke lapho, ngibona abantu phandle lapho okholwayo futhi ephulukiswa, futhi yingakho ngibuyisele izandla zami ku*lokhu*, ngalesosikhathi. Niyabo?

²⁴³ Mfowethu, dadewethu, ubungaphazamiseka ngokwenele ngokwengqondo ukukholwa ukuthi omunye umuntu ubengama lapha futhi enze okuthize, aphumele lapho kulezozethameli, isidalwa esingumuntu ene... isidalwa esingumuntu nje, futhi aphumele lapho futhi azi ukuthi abantu uyahlupheka futhi uyagula, futhi eqhubeka na? Ubungakwenza na? Lokho ku—lokho akunakwenzeka. Yisimangaliso esikhulu kunazo zonke esake senzeka eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili. Impela.

²⁴⁴ Awu, ubungacabanga ngesimo sengqondo, uma indoda isukuma iphuma esihlalweni esinamasondo futhi ihamba, lokho—lokho sekwenziwe, impela. Kodwa ngitshela lapho amandla, ngikhombise lapho umuntu othize one Ph.D., angeza lapha kulomsamo, futhi aphume lapho ngoMoya oNgcwele, futhi atshela labobantu lezozinto njengoba nje uMoya oNgcwele wenza kulobubusuku, njengoba uJesu Kristu enza ngenkathi Wayelapha. Ngitshela ukuthi ukuphi, nimkhuphulele lapha emsamo kusasa ebusuku, ngizobe ngimfuno. Niyabo, akukho lapha; NguMoya oNgcwele.

²⁴⁵ Nalabobantu abagulayo, lawomaKristu phandle lapho, akhulekayo, futhi athinta uJesu Kristu. Futhi ngesiphiwo sobuNkulunkulu Unjalo, ngibuka lapho nje futhi ngibabone, kukhona ukuKhanya phezu kwabo, kuyasabalala nje, futhi ngiyabona ukuthi bayini nokuthi bangobani, mina, ngokufanayo

nje njengoba nginibuka lapha, kodwa ngibabone kwenye indawo, benza okuthize, bese-ke ngikhuluma nje, bese kuthi-ke lapho sengiqedile ukukhuluma, angazi ukuthi ngitheni. Niyabo? Kufana nephupho nje eledlule kimi. Kodwa nakho, kuyilokho impela uNkulunkulu athi Uyokwenza. Ngicela noma yimuphi umfundisi wasesontweni ukuba akuphike, angeke ukwenze, ngoba kukhona lapha eBhayibhelini, ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Futhi nakhu ngehora.

²⁴⁶ Manje, umi lapha, uzisola, ufuna ukulungisana noNkulunkulu; Ngifuna ukuhlangana nawe eZweni elingcono kunalokho leli eliyikho, ngoluny'usuku. Futhi ngi—ngiyakutshela, mfowethu, dadewethu, uKristu usaphila, uKristu ulapha. Sise...eduze kokuphela kwesikhathi, kimi, ngikholwa ukuthi Uza kulesisizukulwane, ngikholwa ukuthi lesisizukulwane siyakubona uJesu efika, ngikwenza ngenhliziyo yami yonke. Ngandlela-thize nginomuzwa wokuthi ngingaMbona eza, nami i—ikhehla, ngisakholwa ukuthi ngingaMbona eza.

²⁴⁷ Manje, ngifuna wonke umuntu phakathi lapha ukuba nikhuleke ngendlela yenu, nivume amaphutha enu, nithi, “Nkulunkulu, ngiyaxolisa.” Futhi ngamunye esakhiweni, wena onesono omi lapha, uthi, “Nkulunkulu, ngithethelele, ngifuna ukuba nguKristu kusukela kulobubusuku kuqhubeke.”

²⁴⁸ Nawe olapha uvuma ukuthi ubuvilapha futhi a—awukwazanga ukukuqonda, uthi, “Manje, Nkosi, nakhu ngimi lapha, ngenenhliziyo yami ivulekile, izingalo zami zikhuphukele kuWe, ukukholwa kwami kubheka kuWe.” Futhi lapho wenza lokho, khona-ke ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokugcwalisa ngoMoya oNgcwele futhi akunike iNto yangempela.

²⁴⁹ Uma uMoya oNgcwele uphakathi lapha, uma ngempela ubunombhaphathizo kaMoya oNgcwele, mfowethu, kuzofanele kubakaze ngalokhu, ngoba nguMoya oNgcwele. (Manje, thatha lokhu phezulu lapho, mfowethu.) [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²⁵⁰ Kulungile. Manje, sonke sifuna ukukhothamisa amakhanda ethu ngenhlonipho yokuzithoba manje futhi sibe, khulekani nje ngokuthula kini uqobo umzuzwana nje.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje, ngizweni ngisakhuleka,
Susana zonke izono zami,
O makuthi mina kusukela kulolusuku
Ngibe ngowaKho wonke!

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama
 kwempilo,
 Nezinsizi zanda ngakimi, (Kuyeza.)
 Yiba nguMholi wami Wena; (Ngithathe manje,
 Nkosi, ube nguMholi wami.)
 O yala ubumnyama bube imini,
 Sula izinyembezi zokudabuka,
 Ungangivumeli nanini ngiduke
 Ngisuke eceleni kwaKho.

²⁵¹ O Baba Nkulunkulu, inkonzo yangoLwesithathu ebusuku isondela ekuvalweni, kukhona abantu abangamakhulu amabili noma ngaphezulu, ngiqagele, bemi bezungele leli-altare, bayaphenduka, badinga umusa, ihubo elidala elihle liyadlalwa, *UKhoho Lwami Lubheka Phezulu KuWe*, bayaqonda, Nkosi, ukuthi umuntu angezenze lezizinto, ukuthi nguWe.

²⁵² Futhi njengoba uMikaya wayenjalo, kulobubusuku, esifundweni sethu, wayazi ukuthi umbono wakhe wawungokaNkulunkulu, ngoba wawuhambisana neZwi likaNkulunkulu, kanjalo ngiyazi, Nkosi, kulobubusuku, kanjalo siyazi ukuthi lombono ungokaNkulunkulu, ngoba uhambisana neZwi laKhe.

²⁵³ Futhi nakhu kumi iNzalo ka-Abrahama, iBandla elikhethiwe, liphuma, ifuna ukulungela ukuza ku-El Shaddai, ukudonsa amandla kuNkulunkulu, ukuba umzimba-wokugugula wemukele iNdodana lapho Ifika. Ngikhulekela ukuthi Uzopha khona, Nkosi, kubo kulobubusuku, bonke, baphe isifiso senhliziyo yabo. Thethelela isoni, buyisa umhlubuki, Nkosi, khipha konke ukungabaza enhliziyweni yekholwa, yenza leli kube ihora elikhulu, Nkosi.

²⁵⁴ Ngiyakholwa ukuthi Ulapha, ngiyazi ukuthi Ulapha, noMoya waKho—waKho uyanyakaza. Sizwa ubumnandi boBukhona baKho. SiyaKubona uhamba ezethamelini, wenza nje lokho Owathi Uyokwenza.

²⁵⁵ Manje, Baba, siyaKubonga ngokwenza lokhu. Siyakholwa, futhi ngithatha wonke walemiphefumulo omi kuleli-altare, njengenceku yaKho ngimi phakathi kwabo nokufa, ngimi phakathi kwabo nokungakholwa.

²⁵⁶ Futhi ngiziphosa mina uqobo endleleni, eGameni likaJesu Kristu, futhi ngithi kuSathane obabophayo: Angeke usababamba.” Ngiphosela inselelo wonke udeveli okhona: Bayeke lababantu! Phuma kubo! Angeke usababamba, izono zabo zithethelelewe, ukungakholwa kwabo sekuhambile. Bangabantwana bakaNkulunkulu kusukela kulelihora, kuqhubeka. Inkonzo yabo ingukuthi, empilweni yabo iyoba nkulu, amandla kaNkulunkulu ayobaphelekezela nomaphi lapho beya khona. Bayoba ngabantwana bakaNkulunkulu

kusukela kulelihora, kuqhubeke. Sathane, ngikhuluma nawe!
Bayeke! NgeGama likaJesu, phuma kubo!

²⁵⁷ Manje, wonke umuntu, uma nikukholwa, phakamisani
izandla zenu futhi niMnike udumo, futhi ninga...nihambe
nisuka lapha nikhululekile, kulobubusuku, eGameni leNkosi
uJesu.



UMIKHAYA UMPROFETHI ZUL61-0426
(Micaiah The Prophet)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngo-Aphreli 26, 1961, eStephen Mather High School eChicago, e-Illinois, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org